# *Ukubala Ngokuhlehla*

Ngiyabonga, bandla. Asikhuleke.

Nkosi Jesu, njalo siyabusiseka uma Ukobethu, noma, siseBukhoneni baKho. Futhi siyakhuleka kulentambama ukuthi Uzohlangana nathi futhi ngendlela emangalisayo, futhi senzele o—okungalindelekile futhi, namhlanje. Lolusuku lunikezelwe ukukhulekela abagulayo; sibeke lolu eceleni. Ngiyakhuleka, Nkosi Jesu, ukuthi akuzukuba khona obuthakathaka phakathi kwethu uma sesihamba.

NgiyaKubonga ngokungivumela ngibe nomusa nalababantu. Kwangathi izinto engizishilo, Nkosi, kwangathi zingazwakala ziyiqiniso kubantu, ngokuba YiZwi laKho. Manje, silindele Wena ukuba uhlangane nathi manje, eGameni likaJesu. Amen.

Ningahlala phansi.

Ngifuna ukubonga uMfowethu Winners, nangaleliqembu elikahle labefundisi elibambisene, laxhasa ngezimali kulomhlangano, ngabo bonke abefundisi ababambisanile, ngawo wonke umuntu ozile, nangokuxhasa kwenu okukhulu ngasohlangothini lokukamoya. Kubelula ukukhuluma; kubenzima ukusuka emsamo kimi; bengingahlala nje amahora. Na—nangakho konke enikwenzile, sibonga abantu, inkundla yombukiso lapha, abaphatheli, noma ngabe kulawulwa kanjani, ngokusipha ithuba lokuba nalendawo. Ngalolonke ibandla: ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzophindaphinda amalunga enu futhi uzonikhuphula eMoyeni futhi nje enze ngokuchichima ngokweqile ngaphezu kwakho konke ebenikulindele; kwangathi Angenza okuningi kunalokho. Ngibonga iChristian Businessmen, iFull Gospel Businessmen, ngokweseka kwabo okuhle, nayo, ngokusisiza lapha.

Mfowethu Paul Cain, ubelapha nathi namhlanje, ngicabanga ukuthi ubezila ukudla. Awu, lapha, ehlezi emva kwami ngqo. He, usemusha kakhulu kakhulu. Angisamazi nhlobo. Wayesethi ukuba mkhulu, kodwa usezacile kancane, futhi kunzima kimi ukuba ngimtshele futhi.

Ngimbonile ngobunye ubusuku embonweni e...ezansi eRamada Inn; enenekazini ayelikhulekelile futhi wayekade e pray-...lalikade likhulekelwe nguye uqobo ngaphambilini, futhi angikwazanga ukumkhipha, isikhashana. Ngangibhekisisa umbono. Ngathi, "Kunendoda ethile." Futhi ngenkathi e... Ngi...O, umbono wawususondele, futhi ngabona, ngase ngithi, "Ngu Paul Cain. Ngu—nguye owakukhulekela." Futhi—futhi li—laphiliswa.

Ngakho, sinokubonga eNkosini ngokulunga kwaYo nomusa. Futhi bangani, ayikho indlela yokuzwakalisa esikucabangayo.

Futhi siyazi ukuthi sizohlangana ngezinye zalezizikhathi ndawonye njengeqembu, njengoba sinjalo manje, okwesikhathi sethu sokugcina. Asazi ukuthi siyoba nini lesosikhathi.

Umelusi othandekayo lapha, nani, bandla, ningimeme ukuba ngibuye futhi: Ngajabula kakhulu ngenkathi nithe, "Uma lokhu kuba yintando yeNkosi." Njalo ngiyathanda ukuhamba ngaleyondlela.

Angikaze ngivumele imihlangano yami ukuba ukhule ngezinga elingaka kuze kuba ngingakwazi ukuya nomaphi iNkosi engithumele khona. Nomaphi oku...ukuba kwakusenzansi lapho kunabantu abahlanu khona, umuntu oyedwa, futhi uma Engifuna ukuba ngishumayele ku...Awu, ngishumayele ezinkulungwaneni ezingamakhulu amahlanu ngasikhathi sinye, eBombay, eNdiya. Futhi ngishumayele eThekwini, eNingizimu Africa kwabangasezinkulungwaneni ezingamakhulu amabili nangaphezulu; ngaba nabaphendukile abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu, intambama eyodwa, kuKristu, bonke babengabomdabu. Kwase kuthi-ke ngabamba imvuselelo kamuva nje ebandleni obungeke ungenise ngaphezu kwamashumi amabili. Niyabo?

Awu manje, abafowethu onezinkonzo ezinkulu, bebengeke beza endaweni enjalo ngoba bebengeke bakwazi ukukwenza. Bazodingeka babe nezimali eziningi ukukwenza. Futhi uNkulunkulu ubabusisile.

Futhi ngibathakasela ngempela, futhi ikakhulukazi, uPaul Cain lapha, uOral Roberts, nabaningi balawo maqhawe amakhulu okholo, ukuthi, ngizizwa ngimncane ukuma phambi kwabo. Basmati, bafundile, amadoda ayizincithabuchopho; futhi asebenzela iNkosi; neNkosi ibabizele emsebenzini, futhi benza umsebenzi wabo.

Ngi—bengingeke ngathatha indawo yabo. NeNkosi yakwazi lokho. Futhi ngi—bengingeke ngaphatha izinto, ngendlela abenza ngayo. Leso yisizathu Engigcina ngithobekile, ngiqagele, futhi—futhi ungivumela ngihlale kanje. Kodwa, ngingangena phambili nasekhaleni lempi, futhi ngibeke isisekelo kuze kuthi uma sekunabenele abahlangene ndawonye, bangabona abefundisi—abefundisi abakhulu be...

Abasibo abafundisi abakhulu. Angikuqondile lokho. Akekho omkhulu nomncane phakathi kwethu. Siyafana nje, niyabo. Kodwa amadoda anomthwalo onjalo, ukuthi bona, mhlawumbe, abakwazanga ukungena endaweni, lapho bedingeka bebe nezinkulungwane eziningi zamadola ngosuku ukuqhubeka komabonakude nezinhlaka. Futhi ngihlala ngithanda njalo ukukhulumela lawomadoda ukuze abantu babasize, niyazi, ngoba baludinga ngempela usizo. Futhi sikhonela yonke into emele uJesu Kristu. Sikhonela lokho.

Manje, ngenkathi ngigcotshwa okokuqala, kwakuseBandleni iMissionary Baptisti ngu Dkt. Roy E. Davis. Futhi manje-ke angiphoswanga ngaphandle, ngiyaphuma nje, ngoba ngangingahamba phakathi kwamabandla, futhi, leyonkonzo Anginike yona, hhayi ukuyibeka phezu kwanoma yiliphi amahlelo athize, kepha sigaxane omunye nomunye, futhi sithi, "Singabazalwane. Asiqhubeke." Ngakho, nginokubonga ngesimemo senu.

Bebengitshela phandle lapho, bathathe umnikelo wothando. Awu, ngi—bekungangifanele lokho, futhi angikucelanga. Kodwa kuyilokho ukuthi nikwenzile, ngizokwenza okwami okwedlula konke kakhulu, uma izindleko sezikhokhiwe (uma izindleko zingakhokhiwe, ufakeni kulokho), uma sezikhokhiwe, khona-ke, niyazi ukuthi ngenzani ngalowo na? Ufakeni ebuthunyweni bezenkolo bangaphandle; bese ngiwelele lapho mina uqobo, ukuze ngazi ukuthi lenkonzo eniyesekile: Ngikuyisa kubantu engaziyo ukuthi ngeke bakwazi ukukukhona. Manje-ke bona . . . akubabizi upeni.

Abantu abangazi ngisho ukuthi isiphi esandla sokudla nesokunxele, belele phandle lapho bedla abangakuthola ukuba bakudle, futhi abanye babo bebulawa yindlala ezitaladini nezinto. Ngizama ukuyisa kubona, futhi ngilethe uMlayezo ngokungcono kunakho konke engingakwenza ngendlela efanayo enikubona kwenziwa ngayo lapha. NoNkulunkulu uyakuhlonipha; nemali yenu iqondiswe kukho.

Ngokusobala, angiwuboni ngisho, angiwubali. Ufakwa ngqo esikhwameni; nalesosikhwama singasetshenziselwa kuphela ubuthunywa bezenkolo baphasheya kwezilwandle. Yilokho kuphela. Angiphili ngawo. Ibandla lami liyangondla: amadola ayikhulu ngeviki. Yilokho kuphela engikutholayo, amadola ayikhulu ngeviki.

Bese kuthi-ke i . . . lezizimali ziya ekusizeni ukusabalalisa iVangeli. Futhi zisesikhwameni esihlukene; silawulwa isigungu sabaphatheli setabernakele. Futhi lokhu kunjalo, angeke isetshenziselwe kimi uqobo, noma ngabe ubani ozimele, noma ngabe yini enye, kodwa, ubuthunywa benkolo baphesheya kwezilwandle.

Manje-ke uma sithola owanele owakhiwe phezulu lapho (ngakho asidingekile ukuba sibacele wona; noma sibanxibe imali uma sifika lapho; singathathi ngisho umnikelo noma lutho), singene lapho futhi sisebenzise imali yenu. Ngakho ngizwa ukuthi ningophathini nami ukusiza ukukhipha lezizinto. Futhi uma iNkosi ithola okuningi kakhulu kuvukile kanjalo, khona-ke ngizwa ukugqugquzeleka ukuba ngiye ndawondawo bese ngiyasuka. Ngikhulekeleni, nizokwenza na? Manje, yilokho engifuna nikwenze, ngukuba ningikhulekele. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

Nibusiswe. Uma ngingasaphinde nginibone kuloluhlangothi lomfula, ukusa lapho ku, o, kuyoba ubumnyama obusabisayo ezansi lapho, nje—nje bamba uPhawu lwakho. Khumbula nje, yehlela esikebheni, Uyoniholela niqhubeke; imali yakho yokugibela isivele isikhokhiwe. Qiniseka ukuthi unoPhawu manje, Yilokho kuphela Ayokuqonda.

Manje, asime umzuzu nje, futhi, ekuhlonipheni iZwi.

Manje, sithi asibe nemizuzu engamashumi amathathu, sileyithi ngemizuzu engamashumi amathathu-nanhlanu. Angizukukhuluma kodwa nje imizuzwana embalwa, ngoba sizoba nomugqa womkhuleko, sibiza senyusa bonke abantu abanamakhadi abo lomkhuleko, futhi sibakhulekele. Leso yisithembiso sethu.

2 Kodwa manje simile ekuhlonipheni iZwi, ngisafunda ingxenye yomBhalo lapha, futhi ngicela uNkulunkulu okwengqikithi yendikimba yami. Siphenya kumaHeberu, isahluko 11, uma ningathanda ukulandela njengoba sifunda.

> *Kepha ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, futhi kuyiqiniso ngezinto ezingabonwayo.*
>
> *Ngokuba okhokho bafakazelwa ngakho.*
>
> *Ngokukholwa siqonda ukuthi izwe lonke ladatshulwa ngezwi likaNkulunkulu, kuze kuthi okubonwayo akuvelanga kokubonwayo.*

3 Asikhuleke. Nkosi, busisa iZwi laKho. Ngcwelisa ithuluzi ukuthi elizosetshenziselwa lona. Futhi kwangathi ubuthuluzi bungaba ndawonye neZwi, ukuletha ukuPhila futhi kwenze leliZwi liphile futhi phambi kwethu. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

Ningahlala phansi.

4 Manje nje nginakisiseni nje okwemizuzwana embalwa, cishe imizuzu engamashumi amabili. Nginendikimba encane lapha, ngithanda ukuyibiza ngokuthi: *Ukubala Ngokuhlehla*.

5 Niyazi, ngazozonke izinto, nizwile ukuthi umBhalo utheni na? Izinto ezikhona, esizibonayo, zenziwa ngezinto ezingabonwayo, ngoba kwakuyiZwi likaNkulunkulu Owakhuluma izinto zabakhona. Izwe esihleli phezu kwalo namhlanje, izitulo esihleli kuzo, iphansi lendlu elingaphansi kwethu, uthuli, izihlahla, yonke into, ayilutho kuphela ukuhunyushwa kweZwi likaNkulunkulu. Ngenkathi uNkulunkulu ekuhumusha, ngenkathi kwenzeka, lokho kuyakwembula. "Makube khona," futhi kwabakhona. "Makube khona," futhi kwabakhona. Futhi ukubona imvelo, ukuthi ibunjwa kanjani.

6 Manje, imvelo kade iyiBhayibheli lami. Njengoba wonke umuntu azi, engikade ngi. . .obekade esezethamelini

zami, uma ngikhulumile, cishe impela ngisohlangothi olungafundile, futhi nje ofunda kalukhuni. Nganginemfundo yebanga lesihlanu. Nganginenqwaba yolwazi lokuzibonela. Kodwa, ekushumayeleni kwami, ngidingeka ngithathe ukuphefumulelwa kwami futhi ngikufanekise ngento ethize e. . . emvelweni, ukuze nizokuqonda engikhuluma ngakho. Angikwazi ukusebenzisa amagama njengoba kwenza ehlakaniphile, indoda eyisifundiswa, ngoba anginamfundo ukukwenza ngayo. Ngakho ngakho-ke ngicosha imvelo, futhi ngifanekise lokho ukuphefumulelwa kwami okungitshela khona, ngemvelo. Ngezwa isizungu kabikabi, ukuthi, kodwa ngesiny'isikhathi. . . Ngafunda eBhayibhelini yilapho abaprofethi beTestamente eLidala abakwenza khona lokho.

7 Futhi khona-ke omkhulu kunabobonke wabaprofethi kwakunguJohane. Futhi siyaqaphela, ngenkathi eneminyaka eyisishiyagalolunye ubudala, wayiswa ehlane nguMoya, ngoba wayefanele ethule uMesiya. Ubaba wakhe wayengumpristi. Kwakuthi, ngokwejwayelekile, ukuthi wa—wayeyolandela inkambiso kababa wakhe. Kodwa, umsebenzi wakhe wawubaluleke kakhulu, ukuthatha enye isayense ephathelene nenkambo elungileyo umuntu-mumbe owayewucabangile. Wayefanele athole umlayezo wakhe ovela kuNkulunkulu. Ngakho, eseneminyaka engamashumi amathathu waphuma ehlane, engafundile, kodwa enentshisekelo evuthayo enhliziyweni yakhe, nesambulo esivela kuNkulunkulu, nombono, ukuthi wayezomemezela uMesiya. Wayekwazi ngokusobala kakhulu, waze wathi, "Ukhona Omi phakathi kwenu, khona manje, eningamazi." Kucabangeni lokho. "Omi phakathi kwenu, khona lapha, eningamazi. Yena, izichathulo zaKhe angifanele ukuzithukulula, kodwa Uzobhaphathiza ngoMoya oNgcwele noMlilo. Ombenge yaKhe isesandleni saKhe."

8 Futhi niyiqaphelile indlela yakhe—yakhe yokukhuluma na? Manje, washo kubaFarisi ngenkathi bephuma. Wayazi, engumprofethi, wayazi ukuthi yini eyayisenhliziyweni yabo. Wayesethi, "Nina nzalo yezinyoka," kuchaza izinyoka ezihuquzelayo. Niyabo, bona, wayazi ukuthi lokho . . .

9 Manje, enye indoda ingahle ukuba yathi, "wena," enye into ethize, uyazi, isebenzise okuthize. . . o—okuhle, ukukhulunywa nokubhalwa kolimu okuphakeme, "Wena sinqamu esingasho lutho sokukhathazeka," noma ngabeyini ongahle ufune ukubiza ngakho. Lokho kungahle kube yiphutha; ngikucoshile nje lokho, niyabo. Ngakho kungahle kube kwakukade kungamanye amazwi athize ayengahle awasebenzise.

10 Kodwa, niyabo, ukuphefumulelwa kwakhe, wayazi ukuthi inyoka yayincane, futhi iphansi, futhi inyenya. Ngakho wathi, "Nina nzalo yezinyoka ezihuquzelayo, ubani onexwayise ukuba nibalekele ulaka oluzayo na? Ningaqali ukuthi phakathi

kwenu, ukuthi, 'Singaba*lokhu,* noma *lokho*,' ngokuba ngithi kini, ukuthi uNkulunkulu uyakwazi ngalamadwala, amatshe," ayekubonile ehlane nasogwini, "ukuvusela abantwana uAbrahama. Futhi, izembe libekiwe empandeni yomuthi." Ayekubonile. "Yonke imithi," njengasehlane, "engathelanga isithelo," yilokho ayekusebenzisela izinkuni zokubasa. Niyabo, "Futhi libekiwe empandeni yomuthi! Futhi uma ungatheli isithelo esihle, uyagawulwa futhi uphoswe emlilweni." Niyabo, ukuphefumulelwa kwakhe kwalandela imvelo.

11 Futhi—futhi uma beningabhekisisa imvelo ngokusondele impela, ngeke nidede kakhulu eZwini, ngoba uNkulunkulu usemvelweni. Ngiyacabanga, okokugcina ngilapha eWest Coast, ngashumayela ngezindlela ezine zokubona uNkulunkulu; uNkulunkulu eNdodaneni yaKhe, uNkulunkulu eZwini laKhe, uNkulunkulu emvelweni, kanjalonjalo.

12 Manje uma siqaphela yonke into uNkulunkulu ayeza emvelweni, lokhu ngizokhuluma ngaleyondlela, ngezinto zokwemvelo zifanekisa izinto zokomoya, ku . . . ngoba kwenziwa ngezinto ezingabonakali. KwakuyiZwi. Manje sithatha isibonelo njengokuthi . . .

13 Ezinyangeni ezimbalwa ezedlule, ngacelwa ukuba ngishumayele intshumayelo, intshumayelo yomngcwabo, yomngani wami omdala othandekayo. Abaningi benu bayifunda incwadi yami, futhi niyakhumbula lapho engi . . . umfana owaye . . . lo owayengowabanye babafana abangamavulandlela, noma okuthize, futhi u . . . Ngamcela ukuba angibekele eyami . . . angibekele eyakhe endala icow- . . . noma—noma isudu yamavulandlela, uma eseyigugisile. Awu, wangibekela igomazi elilodwa. Niyakukhumbula, encwadini. Futhi ngalifaka. ULloyd Ford, unina usanda kufa maduze nje, cishe eneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili nanhlanu ubudala, umngani wami oyigugu impela. Futhi uLloyd, eseyimpohlo nokho, futhi wayehlala nonina, weza kimi. Wayesethi, "Mfowethu Bill." Wayengazi kanjalo. Thina, ngangimbiza Lloyd, yena engibiza ngoBill.

Ngase ngithi, "Ufunani, Mfowethu uLloyd na?"

Wathi, "Unga—ungashumayela umngcwabo kamama na?"

14 Ngathi, "Ngingajabula ukukwenza. Kuzofana nomama wami uqobo, nokho." Ngathi, "Ungiphekele ukudla okuningi kakhulu, nezinto, futhi ube nomoya omnandi kakhulu kimi."

15 Wathi, "Ngifuna usho lawomazwi okugcina phezu kwakhe, Mfowethu Branham."

16 Ngathi, "Ubunga—ubungafuna ngithini, Lloyd na?"

17 Wathi, "Into eyodwa engifuna uyenze. Nje uqinisekise abantu bami, usiqinisekise ngokuvuka kwakhe."

18 Ngakho ngathatha indikimba entweni ethize ngale kuJobe, ukuthi uJobe wayeyibhekisisa kanjani imvelo. Ngase ngithi, kweyami . . .

19 Ukufa kukamama wami uqobo, umama wami uqobo osanda kufa nje cishe eminyakeni emibili eyedlule. Udadewethu omncane wayesanda kusindiswa nje, esikhashanyaneni, futhi wangibizela enhla ngenkathi azi ukuthi umama wayesehamba. Wayesethi, "Bill, ngingenzenjani na?" Wathi, "Angisakwazi nje ukukumela, emi lapho ebuka phezu kukamama wami."

Ngathi, "Kungukubona okumnandi okudlula konke engake ngakubona."

Wathi, "Ungakusho kanjani lokho, futhi, kumama wakho na?"

20 "O," ngathi, "uselungele ukuhamba, futhi ufuna ukuhamba. Usemdala, futhi uselungele ukudlula kulokhu kuphila."

21 Ngathi kuye, "Mama, ngabe uJesu usasho lukhulu kuwe . . . Alwenza ngosuku owathola ngalo uMoya oNgcwele na?"

Wayethi, "Yebo." Ngenkathi, futhi ngangi . . .

Ngenkathi engasakwazi ukuba akwenze, ngathi, "Mamatheka."

22 Ngenkathi esehle kakhulu, akabange esamamatheka noma akhulume, ngathi, "Mama, usuyafa." Wayesezingalweni zami. Ngathi, "Mama, uma uJesu Kristu esasho okufanayo kuwe, futhi nje elokhu engumoya omnandi nje, noma ngisho enomoya omnandi kunoma Wayenjalo ngenkathi wemukela uMoya oNgcwele. Ngiyindodana yakho engumshumayeli. Ngifanele ngibonane nomphakathi. Ngabe uJesu usho okuthize kuwe, ngesikhathi usafa na? Uma kunjalo, uma ungasenakukhuluma . . . " Futhi wayengasakwazi ukukhuluma. Ngathi, "Awukwazi ukukhuluma, mama na?" Wayengasakwazi ukunyakaza. Ngathi, "Cwayizisa amehlo akho, ngokushesha ngempela." Wayeseqala ukucwayizisa amehlo akhe ngokushesha ngempela, namanzi ehla ezihlathini zakhe. Ngenkathi engasakwazi ngisho nokukhuluma, kodwa imizwa yakhe kuye yabuzwa uBukhona bukaJesu Kristu. Emizuzwini embalwa, uMoya ovunguzayo uyafika ushwibeka ekamelweni, nomama waphuma nawo, ukuhlangabeza uNkulunkulu.

23 Manje, lona wesifazane ngenkathi efa, ngathi, "Lisekhona yini amathemba ekuvukeni na?" Ngathi, "Yonke into . . . "

24 Ngibe nenhlanhla yokukhuluma ngokwangempela kuzozonke izizwe phansi kwamazulu. Ngibone zonke izinhlobo zonkulunkulu nazo zonke izinhlobo zezinkolo, kodwa ayikho eyayo eqinisile kuphela ubuKristu. Yiyona kuphela. Ngisho nemvelo, qobo lwayo, ikhulumela ubuKristu, uNkulunkulu uMdali!

25 Bukani, kukhona ukuphila, ukufa, ukumbelwa, ukuvuka. Ukuvuka! Yonke . . . Ungeke waya ngaphandle ungakubonanga. Bhekisisani amaqabunga evela entwasahlobo. Abhekisiseni efinyelela ebusheni bawo ebudaleni bawo, kwiphakathi neminyaka yawo, bese-ke kuba ubudala beminyaka bawo. Nomthambo usemaqabungeni, ethwele ukuphila. Imizuzu embalwa, nithola ukuthi akukade, ngaphambi kokuba noma yisiphi isithwathwa sehle kumbe noma yini, lawo maqabunga ayawohloka. Futhi kwenzekani na? Ukuphila okukulowomuthi, lawomanzi esihlahla, ahamba phansi angene ezimpandeni. Uma lingenzanga, ukubanda kwasebusika kuyobulala umuthi, kubulale ukuphila. Lingeke lahlala phezulu. Lizofanele lishone phansi futhi lizimbele lona uqobo. Kodwa entwasahlobo yonyaka, nanti libuya futhi, neqabunga elisha futhi. Uyafakaza ukuthi kukhona ukuphila, ukufa, ukumbelwa, ukuvuka. Yonke into ifanekisa. Nje asikwazi ukuthola kukho.

26 Bhekisisani ilanga uma liphuma ekuseni, ilanga elikhanyisa izibhakabhaka. Liyingane encane, ithunduzelwa ezingalweni zikanina, ngenkathi libuthakathaka, kungekho kuphila okuningi kakhulu, lingaqinile kakhulu. Bese kuthi-ke cishe ngelesishiyagalombili nqo, liqala ukuya esikoleni. Ligamenxe eleshumi nanye, lithola iziqu, futhi seliphumile esikoleni esiphakeme futhi laphuma ekholiji. Khona-ke lisemandleni alo, kusuka cishe kweleshumi nambili kuya cishe kwelesibili. Khona-ke liqala ukuba ntekenteke, ntekenteke kakhulu, ntekenteke kakhulu, ntekenteke kakhulu, futhi ekugcineni libantekenteke kakhulu njengowesilisa omdala noma owesifazane, liyashona. Ngabe lokho sekunguphela kwalo na? Liyabuya ngokusa okulandelayo ukufakaza, "Kukhona ukuvuka, nokuphila ngale kokufa."

27 Yonke into iyafakaza. Yonke imvelo iyafakaza. IZwe liyafakaza kukho. UMoya impela qobo lwaWo ongaphakathi ezinhliziyweni zethu, uyafakazi kukho. Into ethize engaphakathi kwethu, imemeza, ukuthi, "Kukhona ukuvuka kwabafile." Ngakho, niyabo, ukusho . . .

28 Uma yonke into isebenzela inhloso kaNkulunkulu, inokuvuka. Kodwa ingavuka kuphela uma isebenzela inhloso kaNkulunkulu. Uma imbali iphila futhi ingamili, ayisoze yavuka futhi. Uma utshala ummbila, futhi ungamili, awusoze wavuka futhi. Yonke into engasebenzeli inhloso kaNkulunkulu, ayinakuvuka. Kodwa ungeke wagcina yonke into emhlabathini esebenzela inhloso kaNkulunkulu. Iza ngaphambili futhi izofakaza ngokuvuka. Siyazi ukuthi zonke lezizinto zilungile. Ziyizimfakazo kithi, ukusikhuthaza. Usuku ngalunye, ndawozonke lapho obuka khona, ubona uNkulunkulu.

29 Ukhona umzimba wemvelo, abantu. Ukhona uMzimba wokomoya wabantu.

30 Ukhona umlobokazi wemvelo. Ngibe nenhlanhla yokushadisa izithandani ezikahle ezisezincane. Futhi angikaze ngicabange ngakho ngaphandle. . . Ngithe ukuba nohlobo lokubajikisa, ukukholelwa ezeni okuncane, futhi ngibheke eMpumalanga ngomhlane wami—wami, nabo bebuka eMpumalanga. Futhi lapho ngibabuka, ngicabanga ngezinhliziyo zabo zishaya njengeyodwa, uKristu noMlobokazi waKhe. Ukhona umlobokazi wemvelo, futhi ngoba ukhona umlobokazi wemvelo, kungubufakazi kuphela ukuthi ukhona uMlobokazi wokomoya. Ukhona uMlobokazi wokomoya, ngoba ukhona umlobokazi wemvelo.

31 Zonke lezi zenzeko zemvelo, manje, zibikezela ngaphambili izenzeko zokomoya. Ukwenzeka ngakunye kuphelekezela okunye ukwenzeka, kuphela kuyakusimamisa.

Wena uthi, "Kufana nani lokho na?"

32 Awu, into ethize njengokuPhila kokomoya, uma kuza ekuphileni kwemvelo, kusimamisa ukuphila kwemvelo. Khona, Kukwenza ube sesimweni esingcono kunoma wawunjalo ekuphileni kwemvelo.

33 Uma iqabunga seligugile futhi lifa, uma selibuya nokuphila futhi ekuvukeni, ukufakaza komunye unyaka, libuya selisesimweni esingcono kunoma lenza ngenkathi liya phansi. Niyabo, yonke into ifakaza ngalezizinto.

34 Manje akesithathe, isibonelo nje, ukuzuza ngempumelelo umuntu akwazile ukukwenza emhlabeni. Kuzo zonke lezi izinzuzo ngempumelelo zokwemvelo manje. . . Ngifuna ninginakisise manje. I. . . Zonke izinzuzo ngempumelelo zemvelo okwenzeke emhlabeni, bekungabanduleli bezinzuzo ngempumelelo zokomoya uNkulunkulu akwenzile ngebandla laKhe.

Zonke izinto zokwemvelo ziyisifanekiso zezinto zokomoya.

Manje wena uthi, "Kukanjani lokho na?"

35 Asithathe, okukodwa, ezokuthutha. Kuqala, ezokuthutha zazingehhashi. Okulandelayo, kwakungemoto. Yase-ke isayensi isakhela ibhanoyi. Futhi, kodwa, niyabo, yi. . . Kuqala, kwakungamandla ehhashi elilodwa. Imoto mhlawumbe yayingamandla amahhashi angamashumi ambili. Ibhanoyi yenyukela emakhulwini amandla ehhashi. Niyabo ukuthi kuyini na? Kunjengoba nje siqhubeka nehhashi, kwase-ke kwenziwa imoto, kwase kuthi-ke into elandelayo kwaba ibhanoyi. Silokhu siqhubeka nje sizuza ngempumelelo, siphakama siphakama, kuya ngokuba kukhulu kuba kukhulu. Lokhu ngukuzuza ngempumelelo kwesayensi. Lona ngumanduleli wezinto zokomoya okwenzekile, kukaNkulunkulu, ngoMoya waKhe, bekuseZwini laKhe elithenjisiwe.

36 Umuntu wokwemvelo, ngolwazi, ubuka emuva ngempumelelo yakhe yokuzuza; leyo yisayensi, abone kulokho okwenziwe nguNkulunkulu kokudaliweyo kwangaphambilini. Bayaphuma bese becosha amagabade, bese ethola izicucu zamadwala amathambo nezithombo osekwaguquka kwaba amatshe, ne—nemisuka yezinto, bese ekubophela ndawonye. Niyabo, kulokho kuzuza ngempumelelo, bathatha osekwenziwe nguNkulunkulu, bese bekuphambanisa kusuka esimweni sakho sasekuqaleni, bese enza ikomkhulu lakhe lokuhlala, kanjalonjalo, nomnotho wakhe othe ukuba ngconywana, ngalokho okudaliwe. Lokho kusekuzuzeni ngempumelelo ngokwemvelo, ngomuntu.

37 Kodwa uNkulunkulu, ekuzuzeni ngempumelelo kokomoya, uyaphambili, akahlehleli emuva. Uyaphambili, ebuka eZwini, futhi ekholwa izithembiso ngezinto ezingakafiki neze namanje, okwezambulo zokomoya ukubonakalisa izinto zokomoya uNkulunkulu azethembisile. Uzibona zenzeka. Njengoba nje usosayensi endlini yakhe yokucwaningela basebenza ngezinto ezehlukene ukusiza umuntu, bethatha okudaliwe; umuntu wokomoya ubuka phambili entweni ethize uNkulunkulu ayethembisa, engakaze idalwe namanje. Umuntu wokwemvelo ubuka emuva. Umuntu wokomoya ubuka phambili.

38 Yileyondlela, banakho—nakho lokho ebandleni. Ilunga lebandla lokwemvelo libuka emuva kulokho uFinney, uSankey, uKnox, uCalvin. Lokho kwakulungile, kodwa lolo kwakulusuku lwabo. Sibheke phambili kwenye into ethize, isithembiso esikhulu kakhulu nesiphakeme kakhulu, nalokho uNkulunkulu akwethembisile. Isayensi ibuyela emuva, ukuba ikucoshe. Thina siyaphambili, eZwini leNkosi, ukuthola ukuthi uNkulunkulu uzuzeni ngempumelelo.

39 Kulezizinto zombili, enye yandulela enye, noma iyayifanekisa. Manje njengoba isayensi ikwazile ukuzuza ngempumelelo amanye futhi amandla ehhashi, njengoba enza ngokuthatha amandla futhi enza amathuluzi amakhulu kakhulu, izimoto namabhanoyi; uNkulunkulu uzuze ngempumelelo kulendlela efanayo, njenganayileso ngasinye salezo isifanekiso. Manje bhekisisani.

40 Emuva le ngezinsuku zikaLuther, amandla abo ayengamandla ehhashi. Kwase kuthi-ke uNkulunkulu, ngokuthola uLuther ezandleni zaKhe, alawulwe, ephuma ehlelweni elikhulu, noma inqubo, Wavumela umuntu ukuba abone ukuthi "abalungileyo bayakuphila ngokukholwa." Futhi ngenkathi ekwazi ukuzuza ngempumelelo ukulungisiswa, futhi uyakushumayela, ibandla liza ekuPhileni. Liza ekuPhileni futhi liqala ukugudluka kancanyana nje, emuva phansi kwezinsuku zamandla amahhashi, ngenkathi amandla ehhashi ayesethi awalungele ukufiphala, enqola, nehhashi nekalishana. Manje, wazuza ngempumelelo ukulungisiswa, futhi, ngalokho, kwase

kuthi-ke ibandla lemukela ukuPhila ngokukholwa kuJesu Kristu. Engathathi okunye . . .

Wena uthi, "Ngiyalikholwa ibandla. Ngikholwa *lokhu*."

41 "UkuMkholwa kungukuPhila." Walungisiswa ngokukholwa! ULuther wakushumayela. Lokho kwafanekiswa yizinsuku zehhashi-ne-kalishi.

42 Wase-ke Ethola indoda eNgilandi, egama linguJohn Wesley, iphansi kokulawula kwaKhe, ukukhipha zonke izimfundiso ezigqamileyo, zisuke kuye. Futhi Wakwazi, ngoJohn Wesley, ukungenisa ebandleni ukungcweliswa. Ukungcweliswa kwaphakamisela ibandla ezinyaweni zalo futhi kwalenza lakwazi ukuhamba. Manje ekupheleni konyaka ka Wesley kwakuyimoto, siyaqonda ukuthi ngenkathi i . . . ukuphela kwebandla likaWesley, ngiqonde ukusho njalo. Hhayi . . . Niyabo, wonke—wonke umguquli ufika ekupheleni konyaka. Manje sithola ukuthi uWesley, ekugcineni konyaka webandla lakhe, ufika ngaphambi nje kwamaPentecostal. Ngani, siyabona ukuthi ibandla lathola ukuqina ngokwenele, ngokungcweliswa, ukuba lihambe lisuke ezintweni zezwe. *Ukungcwelisa* kuchaza ukuthi "kwehlukanisele inkazimulo kaNkulunkulu." Kubi kabi likulahlile lokho. Kodwa lithole ukuqina ngokwenele.

ULuther ulinika ukukhanya, emuva ngosuku lwehhashi-ne-kalishi.

43 UWesley walimisa ngezinyawo zalo, ukuba lihambe; ukungcweliswa, lehlukane nezinto zezwe. Ngalokho kuphuma amagatsha amancane, njengePilgrim Holiness, namaNazaretha, nanoma yimaphi amanye avela kulokho, ngokungcweliswa.

44 Kodwa, khumbulani, babengenakuhlala bathule. INsika yoMlilo yaphuma. Futhi bafika eMgwaqeni uAzusa, lapha eCalifornia. Kwase Kwenzani-ke na? Kwakumele izinsuku zamabhanoyi, kusuka emotweni, ngenkathi be . . . UNkulunkulu wakwazi, ngezelamani zakwaWright, uku . . . noma umuntu wakwazi, ukuzuza ngempumelelo ibhanoyi elakwazi ukundiza. Masinyane, andulela lokho, iphentekoste yaseMgwaqeni uAzusa yehla, nomuntu wasuka waya emoyeni, wangena kokungaphezu kwemvelo, waya kokungaziwa. Wakhuluma ngezilimi ezingaziwa, wenze izinto ezingaziwa ezazingaziwa ebandleni, ngoba wayekade esukile emhlabathini, wayeshiye (umoya) wayongena emoyeni. Kwenziwa yini na? Masinyane emva kwamabhanoyi engena, waya emoyeni. UNkulunkulu wakhombisa, ngamabhanoyi, ukuthi ibandla laKhe lalivuka. Uyakhombisa, ngezinto zokwemvelo, ukuthi kwenzekani kwezikamoya. Zihlala njalo zilandela. Njengezazi nje zilandela iNkanyezi, ukuthola uKristu, emva kokuYilandela iminyaka emibili.

45 Manje qaphelani, zonke lezozinto ziyizinzuzo ngempumelelo umuntu azizuze ngempumelelo, kuphela ziyizifanekiso

nezithunzi zalokho uNkulunkulu akwenzayo. Uhlala njalo ekwenza ngaleyondlela. Usitshele izibonakaliso eziyoba sezibhakabhakeni, izinto eziyobe zenzeka ngaphambi nje kokufika kukaKristu. Siyakubona lokho manje. Kuphela kuyisigxobo esikhombayo. Futhi sibona isayensi, ukuthi bazuze kanjani ngempumelelo, nokuthi uNkulunkulu uzuze kanjani ngempumelelo ngebandla laKhe.

46 Ngabe umuntu ugibela ebhanoyini na? Akasafuni hhashi nekalishi, ngaphandle nje uma efuna ukuzijabulisa okuncane. Kodwa ihhashi nekalishi...Khumbulani, yini amandla ebhanoyini na? Amanye nje futhi amahhashi enezelwa, yilokho kuphela.

47 Futhi kanjalo ngenkathi uJohn Wesley ethola ukungcweliswa, umsebenzi obekwe eceleni ekungcwelisweni, akazange neze akulahle ukungcweliswa, wenezela kuphela amanye futhi amandla kukho. Niyabo?

48 Futhi ngenkathi amaPentecostal ethola umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, nokubuyiselwa kweziphiwo, abazange bakuphike ukungcweliswa noma ukulungisisiswa, bathola nje amanye amandla amakhulu ngokwedlulele futhi baphakama, futhi benyuka ngoba wathola amanye amandla. Niyabo?

49 Zonke lezozinto zibikezela, lapho ziqubuka. Ukuba besinesikhathi, ngempela besingahlala kulokho, kodwa asinaso. Kodwa waphakama. Njengoba isayensi izuze ngempumelelo into ethize, ibuka emuva; uNkulunkulu uzuza ngempumelelo, eya *ngapha*, eyaphambili eMbusweni.

50 Manje siyathola, ukusukela eMgwaqeni uAzusa, amabhanoyi asuka ezimvuselweni ezinkulu, futhi zashanela umhlaba, zaya kokungaziwa, zayongena ezindaweni zasemaZulwini, zikhuluma izilimi ezingaziwa, neziphiwo ezingaziwa, ezweni. Ngani, babecabanga ukuthi babeyizinhlanya, kodwa babekwazile uku...UNkulunkulu wathola iqembu labantu laba sezandleni zaKhe. Wase ethola encane, indoda eyiNigro eliyinxemu, ezansi lapha eMgwaqeni uAzusa, elalingenawo omunye umqondo kunokukholwa yilokho uNkulunkulu athi kwakuyiQiniso. Futhi kunjalo.

51 Niyabo, nxa isayensi izofanele ifake inqwaba yomqondo ekhanda lendoda, wokuhlakanipha, wolwazi, ukubuyela emuva futhi ithole lezizinto; uNkulunkulu uzofanele athole lokho enakho kuyo, akukhiphe kuyo, ukuze Akwazi ukuyisebenzisa. Omunye eya *ngapha*, nomunye eya *ngapho*. Omunye uyaphansi, nomunye uyaphezulu.

52 Manje, lashiya lamabandla ayisihlakaniphi ebambelele emhlabathini, ngenkathi iPentecostal isuka nokukhuluma ngezilimi neziphiwo ezinkulu zokuphilisa. Baphilisa abagulayo. Benze izinto ezinkulu. Bakwenzile. Akungabazeki kodwa bakwenzile. Kungubufakazi, ukuthi bakwenzile. Impela

lakwenza! Futhi bashiya lelibandla eliyisihlakaniphi lihlezi emhlabathini. Akunandaba, bathi, "Awu, lingeke." Bakwenza, noma kanjani. Noma ngabe ni . . .

53 Njengomfana omncane esejele, ngokudubula isitshalo igambo. Kungene omunye, wathi, umfana omncane uyangena ukumvakashela, wathi, "O, ngeke bakufaka ejele ngenxa yalokho!" Wathi, "Bangeke na?" Wayesevele elapho.

54 Futhi yingaleyondlela bethi, ukuthi, "UMoya oNgcwele wawungowomunye unyaka." Yilokho abakucabangayo! Ulapha! Siyakwazi. Thina, futhi—futhi ku . . . Kade sindiza emoyeni kwengamashumi amane edlule, iminyaka engamashumi amahlanu, ngaWo, sibona izinto abantu abayizihlakaniphi ongazi lutho ngawo. Into kuphela abangayenza ngukuhlala phansi bese bethi, bahlekise ngaWo nje.

55 Njengenkonyane encane, ngesinye isikhathi, iphuma esibayeni, bathi, futhi yayikhuluphele futhi iyindilinga. Yayitshakadula. Futhi yayinomlimi okahle kakhulu owayeyiphakela kahle, futhi yayiyindilinga ndawo zonke futhi igcwele amavithamini. Nomunye umlimi omdala oyivila laphaya owayenenkonyane encane, naye, izalelwe endlini yokukhweza izimpahla ngalobubusika, ngenkathi umfo omncane wayengadlanga lutho kuphela ukhula. Futhi ngenkathi iphuma, yayihlupheke kakhulu kwakulukhuni nokuthi inyakaze, futhi, ngasosonke isikhathi, umoya wawuvunguza futhi uyishovele emaceleni. Yayibona lenkonyane ekhuluphele endadlana itshakadula nje, futhi inesikhathi esimnandi. Niyazi, yalunguza ngomfantu othangweni, yayisithi, "Ubuhlanya obu-bu-nje pho!" Yayigcwele ivithamini, akumangalisi yayikwazi ukutshakadula.

56 Futhi uma umuntu egcwaliswe ngoMoya oNgcwele, kunento ethize phakathi kuye, egcwele iVithamini yokomoya kaNkulunkulu, imenza adumise uNkulunkulu, amemeze, futhi enze ngokwehlukile. Ngoba ngani na? Akasaboshiwe wumhlaba. UsemaZulwini, ehamba entweza, ezindaweni zasemaZulwini kuKristu uJesu.

57 Ubashiye beboshwe umhlaba namabhayisikili abo nezimoto, baye emoyeni. Yebo, mnumzane. Ngokwangempela ubakhiphile lapho, sekukudala. Baphilisa abagulayo. Bakhuluma ngezilwimi ezingaziwa, futhi benze izinto eziningi.

58 Kodwa manje, bangani, mangisho lokhu. Sekufike onyakeni kasomkhumbimkhathi. Sesiphumile onyakeni wamabhanoyi. Sesinamandla amakhulu ngokwedlulele manje. Unyaka kasomkhumbimkhathi ungenile. Uyini na? Hhayi i . . . Sesingene onyakeni wokomoya kasomkhumbimkhathi, niyabo, sihamba ngaphezulu. Akusiyo . . . NguMoya ofanayo, kuphela amandla akakhulu ngokwedlulele, kuphela asiphakamisele phezulu kakhulu, singahamba siye phezulu kakhulu, sibone kakhulu

ngokwedlulele, sikholwe kakhulu ngokwedlulele, sifane kakhulu ngokwedlulele noKristu. Hhayi imoto, hhayi ihhashi nekalishi, hhayi ngisho nendiza, kodwa, usomkhumbimkhathi, ushwibeka aye phambili nangaphezu kwakho ngakunye.

59 Ubizwa ngonyaka wokhozi, eBhayibhelini. UNkulunkulu ubiza abaprofethi baKhe . . . Unyaka wokhozi! Siyaqonda, ngale eBhayibhelini, siyathola, kuMalaki 4, okwethenjiswa lokho ngezinsuku zokugcina. Manje, Ufanisa abaprofethi baKhe njengezinkozi. Uzibiza Yena uqobo ngokhozi. Ulukhozi olunguJehova olukhulu.

60 Uyakwazi ukuzuza ngempumelelo, kuYe uqobo, uMlobokazi. Uzo, ngezinsuku zokugcina, akwazi ukuthola uMlobokazi, ukuthi ngenkonzo ekanjalo impela, i . . . njengendoda nenkosikazi yayo iba yinye. Futhi uma uJehova ethola abantu baKhe bafane naYe, khona-ke Uhlala kubantu baKhe. Bamunye.

61 Kugcwalisa umBhalo, khona impela Akusho kuJohane oNgcwele 14:12, "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza." Kugcwalisa futhi uJesu athi kuyokwenzeka, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakubanjalo ukufika kweNdodana yomuntu."

62 Manje ngunyaka kasomkhumbimkhathi. Nosomkhumbimkhathi ubona izinto umgibeli wehhashi, imoto, noma amabhanoyi, noma yikuphi, azibonayo. Uya phezulu kakhulu. Ibhanoyi lisalokhu liphansi lapha lihamba libhampa emafini, futhi inokuqhuma, futhi ishaya phansi, nayo yonke enye into. Kodwa yena uhamba ayoshona ngaleya kwamafu ezivumokholo namahlelo, aqhubeke akhuphukele emaZulwini, athi ngqu asuke kuyo yonke into.

63 Unyaka kasomkhumbimkhathi, siphila onyakeni kasomkhumbimkhathi. Ngokuqinisekile impela nje njengoba uNkulunkulu efakazile ngezenzeko zokomoya lapho, kanjalo Uyafakaza manje ukuthi, uma sizuze ngempumelelo usomkhumbimkhathi, uNkulunkulu uzuze ngempumelelo lokho Ethembisa ukukuzuza ngempumelelo ngezinsuku zokugcina, ngokukaMalaki 4. Into kuphela Azoyenza ngukuthola umuntu othize abesezandleni zaKhe, onganquma asuke emabhanoyini nasezimotweni, nanoma yini okunye. Angabheki emuva ukuthi kwakuyini, kodwa amandla amakhulu angeziwe ukumphakamisela phezulu kakhulu, amphakamisele eBukhoneni bukaNkulunkulu, amphakamisele lapho lapho khona zonke izinto zingenzeka. Manje siyakubona kwenzeka. Akukho kungabaza kukho.

64 Wenzenjalo nosomkhumbimkhathi wokomoya, njengoba usomkhumbimkhathi wokwemvelo uyaqhubeka abe ngaphezu kwamabhanoyi; amabhanoyi njalo ayavithika, futhi edidizela emafini, nayo yonke into enjalo. Kungebe khona lutho olukhulu

ukwedlula, akukho kuzuza ngempumelelo ngokwedlulele, kunosomkhumbimkhathi. Into kuphela azodingeka ayenze yikuba nje alokhu efaka amandla amakhulu ngokwedlulele, uyoya noma yikuphi lapho afuna ukuya khona, niyabo, ngoba usevele ungene emkhathini. Amabhanoyi asalokhu ephansi, evithika, edidizela, ebanjwe umhlabathi, nayo yonke into enjalo. Kodwa usomkhumbimkhathi akadingi ukuba abanjwe ngumhlabathi. Uqhubeka aye ngaphezu kwamafu. Uqhubeka ayephezulu, abe ngaphezu kwesivumokholo, abe ngaphezu kwehlelo, abe ngaphezu kwalabo abathi, "Akunjalo, Akunjalo!" Unomphelekezeli, uMoya oNgcwele. IZwi limtshela kanjalo, futhi uqhubekela phambili!

65 Usosayense umenza kanjani usomkhumbimkhathi na? Uthatha amandla abanawo, bese elokhu nje ehlephulela into ithize kuwo, ayokwenza kuhambe kuqhubeke, kuhambe ngaphandle komoya, kanjalonjalo. Kuqhubeka . . . Angizazi i—izithako zakho; angisuye umakhenika. Kodwa noma ngabe kuyini, ube elokhu ekwenza kuphakame kakhulu kuphakame kakhulu. Ulokhu ekwenza ngcono ngasosonke isikhathi, kuze kuthi manje usengahamba aye ngaleya kwanoma yikuphi ukuzindla. Wenzenjalo nosomkhumbimkhathi kaNkulunkulu, uhamba aye ngaleya kwasosonke isivumokholo sebandla, yonke imincele, zonke lezizinto ethi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule; ayikho into enjengaleyo."

66 Usomkhumbimkhathi wakuthola kanjani lokhu na? Wakufanekisa ephepheni. Kusuka ephepheni, ayekufanekisile. Into efanayo, ukuthi noma yimuphi umuntu angahlala phansi futhi afunde iZwi likaNkulunkulu futhi abone ukuthi yini ethenjisiwe. "Hlolani imiBhalo, enithi kuYo ninokuPhila okuPhakade," kwasho uJesu, "futhi Ifakaza ngaMi." Lesosigejane esiboshwe umhlaba ababenaso emuva lapho ngalezozinsuku sasingazi ukuthi Wayeyini.

67 Inkonzo, ekwenzayo, usomkhumbimkhathi ubona izinto, amabhanoyi nakho konke osekukudala. Wenze njalo nosomkhumbimkhathi wokomoya, uhamba aye ngaleya kwamafu nangaleya kwezivumokholo, nangaleya kokungabaza, aphume ayongena emkhathini ongaphandle; umkhathi ongaphandle, wakho konke ukungakholwa, emkhathini ongaphandle lapho engakuzwa khona ukuqeketha kuthi, "Awu, ungeke wakwenza. Akukho muntu ozobambisana, abambisane nawe. Ungeke wakwenza *lokhu*. Ungeke wakwenza *lokho*." Akakunaki. Ungusomkhumbimkhathi. Uqhubeka aye ngaleya kwalawomafu. "Kunesiphepho kakhulu. Ngeke saphumelela." Akwenzi mehluko kusomkhumbimkhathi; uhamba aye ngaleya kwesiphepho. Niyabo, kungaleyondlela ekukholweni kukasomkhumbimkhathi kwangempela namahlanje. Bathi, "Awu, udokotela washo *ukuthi-nokuthi*." Lokho kungahle kube kahle, kodwa usomkhumbimkhathi akakukholwa lokho.

68 Uma Lilotshwe Lapha, unaLo enhliziyweni yakhe. Kukhona into emtshelayo, uvele nje ashaye uphephela aphume ngqo aqhubeke. Yilokho kuphela. Uqhubeka ngqo aphume ayongena emkhathini, ngoba siphila onyakeni kasomkhumbimkhathi, yebo, mnumzane, siphumele emkhathini, "lapho zonke izinto zenzeka khona kulabo abakholwayo." Unomphelekezeli, okuyiZwi laKhe, elimtshelayo ukuthi ahambe kanjani, iZwi likaNkulunkulu.

69 Usomkhumbimkhathi wokwemvelo u. . .unento ethize yokuba imlawule. Uma usomkhumbimkhathi esemoyeni, unento ethize engemuva lapha, engemuva phansi lapha emhlabeni, emlawulayo. Ibizwa ngerada umshini okwazi ukukhombisa izinto ezisithekile. Leyorada imyisa ngapha nangapha, ikhombisa ukuthi ukuphi, isho ukuthi wenzani. Naleyorada iyamlawula embhoshongweni werada, lapha emhlabeni. Lowo ngusomkhumbimkhathi wokwemvelo.

70 Kanjalo nosomkhumbimkhathi wokomoya unaMandla alawulayo, unombhoshongo olawulayo, naye. Awukho phansi *lapha*, njengoba umuntu enjalo. Uphezulu Laphaya. Futhi nguMoya oNgcwele okuye, omlawulayo, umbhoshongo wombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Uphansi kokulawula, umgcina elawulekile ngeZwi; hhayi ngesigejane sobuhlanya, umbhedo othize wokukhaliswa yinjabulo; kodwa, ISHO KANJE INKOSI, futhi kuyenzeka. Kuhlala njalo kuphansi kokulawulwa. Unombhoshongo olawulayo, lowo nguMoya oNgcwele. NeZwi liwuhlelo laKhe—laKhe, futhi ulala ngqo kulolohlelo. Namandla kaMoya oNgcwele amupha ukuba aphume, futhi aletha ukuzuza ngempumelelo uNkulunkulu afuna kuzuzelwe ngempumelelo abantu baKhe, ukuze agcwalise Akwethembisa.

71 UJesu akaphilisanga abantu ngoba Wayedingeka akwenze. Wakugcwalisa, wagcwalisa umBhalo. Waphilisa ngoba kwakulotshiwe ukuthi Uyokwenza. Akadingi ukuba akhombise lezizibonakaliso namhlanje, Akadingi ukuba abe nenkonzo yo*kunje-no-kunje*, kodwa Wethembisa ukuthi Uyokwenza. Ukwenzela ukugcwalisa isithembiso saKhe.

72 Mfowethu, dade, silisa, besifazane, ningekubone lokho na? Ningesibone isifanekiso sokomoya nesokwemvelo na?

73 Lezizinzuzo ezinkulu ngempumelelo kulethe iwashi elikhulu lesikhathi sesayense, futhi sibhobokele endaweni enjalo sebeze bathi manje kuphela yi. . .Ewashini elikhulu lesayense, bathi kusele imizuzu emithathu kube imaphakathi nobusuku. Basekupheleni. Bayithola into ezobabhubhisa. Bathola yonk'into. Usomkhumbimkhathi angangena emoyeni futhi awelele ngale, ngamandla ama atomu, bese ehlala phezulu lapho bese ethi, "Zinikeleni kungenjalo niqhunyiswe." Imizuzu emithathu nce kushaye imaphakathi nobusuku!

Basebenzele kulokho uNkulunkulu asekwenzile. Bakwazile ukuphendukezela. Esikhundleni sokuzama ukwenza ukuphila, bahlala njalo bethola into ethize ezobulala omunye umuntu, into ezokwedlula into elandelayo, yehlule isizwe esilandelayo, yehlule indawo elandelayo. Yilokho abazama ukukwenza.

74 Kodwa indoda ibuka phambili, ibiza indoda ngomfowabo, futhi izama ukuyiholela eKhaya lapho engayikudingeka khona ukuba ife. Oyedwa usekufeni, nomunye usekuPhileni. Kodwa lawa, ekufeni, amele kuphela ukuPhila. Iqabunga, uma liwela phansi futhi life, lichaza kuphela ukuthi liyabuya futhi, ngoba belikhona.

75 Iwashi elikhulu liyahamba, phezu kokuzuza ngempumelelo yesayense namhlanje, liya emuzwini emithathu kushaye imaphakathi nobusuku. Ewashini elikhulu likaNkulunkulu, liyahamba, "UJesu Kristu nguye izolo, namuhla, naphakade." Sesifikile! "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza." "UJesu Kristu nguye izolo, namuhla, naphakade." Uma iwashi elikhulu lesayense lithi yimizuzu emithathu kube yimbhubhiso; iwashi elikhulu likaNkulunkulu lithi, "UJesu Kristu nguye izolo, namuhla, naphakade." Usemhlabeni, ngamandla kaMoya oNgcwele, ukwenza iZwi laKhe liphile futhi lenzele ibandla laKhe khona impela nje Athembisa ukuthi Liyokwenza, egcwalisa osomkhumbimkhathi baKhe, ebagcwalisa bonke ngokuhambisa injini futhi belungela.

76 Ngakho bangena eshubhini labo elikhulukazi lesayense, lapha kungekudala, ishubhu lomkhumbimkhathi, futhi bathatha ukubala ngokuhlehla manje, baphikelele enyangeni. Bayasuka lapha, futhi. Banosomkhumbimkhathi eshubhini elikhulu, ohanjiswa ngamandla amandla e-atomu, abangawuthumela uyothi ngqu enyangeni, basho njalo. Bangena eshubhini labo futhi balindele ukubala ngokuhlehla.

77 Usomkhumbimkhathi wokomoya wangena kuKristu futhi ulalele ukubala ngokuhlehla kweZwi. Amen. Manje wena Luthela ubufanele umemeze, nani maBaptisti nePresbyterian. Bhekisisani ukubala ngokuhlehla, kweZwi. O, he! Ukubala ngokuhlehla, kweZwi! Futhi baphikelele eZulwini, hhayi enyangeni. Bayoyedlula inyanga ngelikhulu ijubane abayikuyibona ngisho. O, he! Belindele ukubala ngokuhlehla! Yebo, mnumzane. Ukulindela ukubala ngokuhlehla kulungile.

78 Benzani na? Basongelwe kuKristu, emseni wohlwitho. Akukho lutho abalwenza, ngesingabo. UKristu wathatha abangafundile, izinto ezingubuwula zezwe, wasongela osomkhumbimkhathi baKhe kukho, wayesebafaka amandla ngoMoya oNgcwele, ukuba basuke. Lelizwe lizoshiywa lodwa. Kunjalo, besuka!

79 Qaphelani, umuntu wokwemvelo ebala ngisho nangokuhlehla. Ngathi wenza izinto ngokuhlehla. Ubala

ngokuhlehla. Bhekisisa ukubala kwakhe, "Ishumi, isishiyagalolunye, isishiyagalombili, isikhombisa, isithupha, isihlanu, isine, isithathu, isibili, kunye, ziro!" Niyabo, ubuyela emuva, bese eqala ukubala. Niyabo? Uyikho konke . . . Ishumi yinombolo embi. Kunjalo. Ukuqala ngeshumi, yinombolo embi.

80 Babenezizwe eziyishumi zikaIsrayeli, futhi zonke kwakungokwenyama nje. Futhi wadingeka athathe amadodana amabili kaJosefa, uEfrayimi noManase, abantwana bomprofethi, futhi ababusise. Futhi, ngenkathi enza, izandla zakhe zaphambana. Wayesethi, "Baba, hhayi kanjalo, ubeke izandla zakho phezu kukaEfrayimi, sifanele sibe phezu kukaManase."

81 Wathi, "UNkulunkulu uphambanise izandla zami." E . . . Esisusa endodaneni endala, umthetho, futhi esibeka phezu kukaKristu. Nangalokho, kufika, ngesiphambano kwafika ukuguquka kobuzibulo, amen, kuya endodaneni encane. O, he! Kumangalisa kanjani pho! Ukuba besinesikhathi ukuba singene kulokho; siyoba naso ngesinye isikhathi. Kulungile.

82 Manje, ishumi yinombolo embi. Kodwa umuntu njalo ubala ngokuhlehla, uqala eshumini. "Ishumi, isishiyagalolunye, isishiyagalombili, isikhombisa, isithupha, isihlanu, isine, isithathu, isibili, kunye, ziro."

83 Wenzani uNkulunkulu na? Uqala ngenombolo yaKhe, isikhombisa. Leyo yinombolo kaNkulunkulu. Mbhekisiseni, isikhombisa. O, Ubala ngaphambili, eqala ngeyokuqala. Uqala ngonyaka waKhe wokuqala webandla. Yilokho izifanekiselo zaKhe esasiyikho emhlabeni. Kuneminyaka yebandla eyisikhombisa. Wenza izwe ngezinsuku eziyisikhombisa; usuku lwesikhombisa Waphumula. Leyo yinombolo yaKhe yokugcina kokudaliweyo kwaKhe. Waphumula.

84 Qaphelani, Ubala aqonde phambili, hhayi ahlehle. Uya phambili. Uqala onyakeni waKhe wokuqala webandla, oqala ngo 33 A.D. [UJesu aZalwa—TN], futhi Waqala ukubala ngokuhlehla. Wabala iminyaka yaKhe yebandla. Lokho kwakungukuzalwa kweBandla, ngoSuku lwePhentekoste. Okwenza . . . Uqala ukubala. Uqala ukubala iminyaka yebandla. "Owokuqala, kwakuyiEfesu, owokuqala; owesibili, iSmirna; owesithathu, iPergamu; owesine, iThiyathira; owesihlanu, iSardesi; owesithupha, iFiladelfiya; owesikhombisa, iLawodikeya." Kuleyithi kunoma ucabanga. Kuleyithi kunoma ucabanga. Ukubala sekuphelile. Into elandelayo ngu "ziro," asihambeni. Yonke into isimi ngomumo. Ukubala sekuphelile.

85 Ngenkathi uJohn Glenn, usomkhumbimkhathi wethu, engena kuleloshubhu elikhulu, ukuba asuke, isizwe sama singenakukhuluma. Babengazi, ngalokho kusa asuka ngakho. Ngenkathi enza, wangena eshubhini, futhi wonke umuntu wayekhala, futhi elindile, futhi ebhekisisa

okwakuzokwenzeka. Isizwe sama sishaqekile. Niwabonile ama. . . Onke amatelevishini ekhala ngamandla, nayo yonke into, ukuze wonk'umuntu ezolibona. Lapho iso lokwenyama lalingakwazi khona ukulibona, ngoba balifaka kwitelevishini. Niyalikhumbula.

86 Manje-ke ngenkathi esebekwe phezulu eshubhini kahle nje, futhi ngenkathi enza, baqala, "Ishumi, isishiyagalolunye, isishiyagalombili, isikhombisa, isithupha, isihlanu, isine, isithathu, isibili, kunye, ziro," wasuka wahamba. Kwenzekani na? Ngenkathi isigwadlulo esikhulu sidonsa, okwama atomu kuqala ukokheleka, kuqala ukuhlakazeka, umlilo uqala ukubhiza, intuthu iqala ukusongeka, neshubhu elikhulukazi lasuka laya emoyeni, langena kokungaziwa, phandle ngaleya ndawondawo. Wasuka esekuzuzeni ngempumelelo komuntu, okukhulu kunakho konke asake aba nakho. Kodwa ake nginitshele, leyo yinto encane kakhulu nje.

87 Ngokunye kwalokhu ukusa, ukuzuza ngempumelelo kukaNkulunkulu, kosomkhumbimkhathi baKhe okhwele wangena kuJesu Kristu, wazalwa phakathi lapho ngoMoya oNgcwele, wagcwaliswa ngamandla aKhe! Ngokunye kwalokhu ukusa, wonke umhlaba nezulu kuyobe kuzodazuluka, nokukhala nokugedla amazinyo, sebebona ukuthi bakugejile. Ngenkathi uKhozi olukhulu, luhanjiswa ngamandla kaMoya oNgcwele noMlilo, luqala ukwendlala amaphiko aLo, osomkhumbimkhathi bayosuka bayongena esibhakabhakeni, ukuba bahambe bayohlangabeza uMyeni; lapho uMlobokazi esuka, ngamandla kasomkhumbimkhathi kaNkulunkulu uSomandla Owathuma uJesu Kristu emhlabeni, ngesimo sikaMoya oNgcwele, ulethe iBandla ledlula kulezizinzuzo ngempumelelo!

88 Kuze, manje Usethola aMandla avukile kuye, ukuba andize aye ngaleya kwezinto zezwe, eMbona phakathi phandle lapha eBandleni, ezenza Yena uqobo abe nguye izolo, namuhla, naphakade. Yebo, mnumzane. Ukubala ngokuhlehla sekuphelile ngisho. Wonke unyaka webandla usuvele wedlule. Siphethela eLawodikeya.

89 Ngena, mfowethu, dade. Thola ukufakwa umfutho. Umfutho awuzukukulimaza uma ungena ngaphakathi bese uthola ukufakwa umfutho. Ngena kuKristu, futhi awuzukukhathala ukuthi izwe lithini. Bangeke neze bakushaya, empeleni. Uphephile. Ukhwaxele phakathi.

90 UJesu Kristu ungelethu elikhulu, ishubhu likaSomkhumbimkhathi omuhle kakhulu esiyoba phakathi kulo, eliyohanjiswa nguphephela ngoMoya oNgcwele namandla noMlilo, lapho liqala ukundiza liphume ngokunye kwalokhu ukusa. UMlilo kaMoya oNgcwele ushaya umhlaba kanjalo, futhi, uma benza, iBandla liyophakanyiswa. Nazo zonke

izizwe ziyoma, aziyikuyidinga itelevishini, ziyoMbona. Onke amadolo ayoguqa nazo zonke izilimi ziyovuma, lapho Lihamba ngophephela endleleni yaLo liyongena ngaleya, liyongena ezindaweni ezingamazinga amahle kakhulu ase—aseZulwini, ukuba lishadiswe noMyeni waLo. Nkulunkulu sisize ukuba siphilele lolosuku!

Asikhothamise amakhanda ethu.

91 Ngabe nishayela ihhashi nekalishi namhlanje, ngabe nigibele ibhayisikili, ngabe ni. . . imoto, noma senikhuphukele emafini ngebhanoyi na? Uma senikhuphukile, nginento ethize ukuba nginitshele yona. Unyaka kasomkhumbimkhathi ukhona manje. Anizi ngani ningene kuSomkhumbimkhathi na? O, ngiyazi kuzwakala kwesabisa. Umuntu wokuqala owake wangena ebhanoyini, lathi alimesabisele ukufa; owokuqala owaba nemoto, niyazi ukuthi yenzeni; kodwa manje sekuyinto ejwayelekile. O, mfowethu, dade. UJesu Kristu ulapha, ishubhu elikhulu likaSomkhumbimkhathi esizoba phakathi kulo. Ifu phezu kwethu, aliyikusho neyodwa into; Uyobhodloza onke amafu okungabaza, konke okokungakholwa, futhi lishwibeke liphumele ngaleya liyongena emkhathini.

92 Uma ungakangeni kuYe, namanje, unethuba kulentambama. Ungaziphakamisa izandla zakho, bese uthi, "Ngikhulekele, Mfowethu Branham, ukuthi ngingahamba ngingene kuleyondawo lapho engingabona khona onke amaZwi uNkulunkulu awethembisa, ngingabona futhi ngikuzwe uku—ukushaya kwemithambo yaMandla kaNkulunkulu phakathi kwami, ukuthi ngiyazi ukuthi okwami. . . lelizwe nezinto sekusukile kimi"? UNkulunkulu abusise. Ake nibheke nje izandla. He, o, he! Bonke, ndawo zonke.

93 Baba wethu waseZulwini, Uyazibona izandla zabo. Ngibophezeleke kuphela ngokushumayela iZwi. Wena, bangabaKho. Ngibanikela kuWe. BangabaKho. Makuthi uMoya oNgcwele manje. . .

94 Futhi kwangathi bangakubona lokho, lezizinzuzo ngempumelelo. Bayayibona kokwemvelo; manje-ke uma sibuka emuva, siyakubona kokukamoya. Wena ulapha, Nkosi. Wethembisa, ngaphambi nje kokuba kufike ukuphela kwesikhathi, ukuthi njengoba kwenzeka ngemihla yaseSodoma neGomora. Futhi besingabuka emuva futhi siyibone leyomihla, sibuke lapho futhi sibone lapho abefundisi ababili, abagqamile, abezingelosi, indoda egcotshiwe, behlela eSodoma futhi bashumayela ngemihla ka-Abrahama, bebizela ngaphandle uLoti. Manje-ke kwakukhona Oyedwa owahlala noAbrahama, futhi loWo Owenze isibonakaliso kuAbrahama. Abanye, eSodoma, benza isibonakaliso sabo.

95 Futhi, Baba, izinto eziningi kakhulu ebezingashiwo khona lapha, mhlawumbe ibandla ebelingeziqonde. Kodwa

ngikhulekela ukuthi Uzobapha ukuthandiswa okungako ngaLo, Nkosi, ukuthi bazoza futhi babone ukuthi sisekupheleni kwesikhathi, unyaka kasomkhumbimkhathi. Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi bazoqonda ukuthi akusikho ukuzama ukugxeka lokho ababenakho, kungukuzama kuphela ukubanika okuningi ngokwedlulele, umusa wohlwitho, ngokuba ihora lizofika lapho sonke sizodingeka ukuba sibe naMandla ohlwitho; hhayi kuphela ukuphilisa umzimba, kodwa ukuwuguqula ngesikhashanyana, ngokuphazima kweso. UKristu uyoba nguye ngempela kakhulu emizimbeni yabo kuze kuthi Angawuguqula, ngokufa kwaKhe okukhulu nalokho Akuthenga. Kwangathi bangathatha lokhu, namhlanje, loloPhawu engikhulume ngalo izolo ebusuku, baLubambe phambi kwabo futhi ngihambe ngiyongena kuloSomkhumbimkhathi (siphe khona, Baba), lapho imibono, amandla, namazwe ngaleya, kwaziwe, futhi, O Nkulunkulu, lapho khona zonke izimfihlakalo ezinkulu zikaNkulunkulu isombululwa khona kulezoziMpawu eziyisiKhombisa futhi zaziswe kumuntu. Siphe khona, Baba.

96 BangabaKho manje. Ngiyaqonda ukuthi ukubizela emaaltare yilokho esikwenzayo, kodwa, Nkosi, Wathi, "Abaningi abakholwayo." Ngiyakhuleka ukuthi Uzobapha ukukholwa, ukuba bakholwe. Basezandleni zaKho, Nkosi. Futhi uma ngingaboni neze, futhi bangabe besaphinde bangibone, size sibonane ngasezinyaweni zaKho, siyokwazi-ke njengoba saziwa. Ngikhulekela ukuthi Uzobasiza. Futhi kwangathi sonke singaba Lapho, ngokuphepha, sidluliswe ngomusa omangalisayo wokukholwa okukhulu kukasomkhumbimkhathi wethu esinaye kuJesu Kristu, lapho esifakwe khona endlini naYe. Amen.

97 Manje, umzuzwana owodwa nje, sizokhulekela abagulayo. Nkulunkulu, sithembise ukwenza lokhu. Sifuna ukukwenza. Futhi manje ngifuna ukusho lokhu, ukuthi iviki lonke . . . Manje sesithi nje asibe neyishumi nanhlanu, imizuzu engamashumi amabili manje. Ngithe ukunqamula kancanyana, ngakho nginethi ayibe yishumi nanhlanu, imizuzu engamashumi amabili nokho, size sikwazi ukwenza lokhu.

98 Manje, into yokuqala ingukuthi, lezizinto esikhuluma ngazo, zinjalo, azinjalo na? Siyazi iBhayibheli lakwethembisa, kodwa ngabe Ulapha na? UNkulunkulu ulapha ukwenza esi . . . Ethembisa ukuthi Uyokwenza. UNkulunkulu ulapha. Niyabo, sesedlule ngaleya kokukhuluma ngezilimi. Lokho ku—lokho kulungile, niyabo. Sesedlule ngaleya kwalezizinto ezincane. Futhi, niyabo, siphakathi endaweni manje lapho esifanele khona sibe nokukholwa kukasomkhumbimkhathi, lawo ngamandla kasomkhumbimkhathi ukuqonda ukuthi sesikuKristu vele, okunye nje futhi okuningi ngokwedlulele kukaKristu, niyabo, ukusenyusela ezindaweni zaseZulwini.

99 Indlela endala yokukhuleka, ukubeka izandla phezu kwabagulayo, lokho kuhle. Lokho kwakuyizinsuku zikaLuther,

mngani, emuva emotweni, noma okunjalo. Sesingaleya kwalokho manje.

100 Khumbulani, uJesu ufika kumaJuda, izinsuku zakudala, uJayiru wathi, uJayiru wathi, "Woza ubeke izandla zaKho phezu kwendodakazi yami, futhi izophila." Kodwa umRoma wathi, "Angifanele ukuba Uze, khuluma iZwi nje." Niyabo? Uku rec- . . . Wawaqonda amandla kaKristu, ukuthi Wayephezu kwezinto zonke.

101 Manje, uma uKristu ephezu kwezinto zonke, Uzo—Uzofanele aligcine iZwi laKhe. UyiNkosi. UnguNkulunkulu. Ufanele aligcine iZwi laKhe, "Imisebenzi engiyenzayo Mina, nani niyakuyenza." Manje, mayelana nokuphilisa umuntu mumbe, akukho-muntu ongakwenza, ngoba sekuvele kwenziwe. Sekuvele kwenziwe. Kungukuqondwa kwakho nje, niyabo, ukuqondwa kokuthi Usebukhoneni bethu. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje khulekani imizuzu embalwa, nithi, "Nkulunkulu, yiba nesihawu."

102 Baba waseZulwini, ukuze abantu bazi; kungahle kubekhona izihambi lapha, ukuze bazi ukuthi lokhu engikhuluma ngakho kuqinisile. Nje ngi—ngikweyami empofu, indlela yokuzithoba, Nkosi, ngizama ukwethula iVangeli ngokwedlula konke engaziyo ukuthi kanjani. Nkosi, kwangathi abantu bangekunake ukukhulunywa nokubhalwa kolimi kwami futhi nje baqonde engizama ukukusho. Ngikhulekela ukuthi Uzokuqinisa lokhu futhi ukwenze kube yikho ngempela, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu, eGameni likaJesu. Amen.

103 Manje, bangani, kukhona mhlambe amabili noma amakhulu amathathu amakhadi omkhuleko lapha. Bekungaba lukhuni kimi ukuba ngike ngize ngiwenyusele lapha, ngalinye ngalinye. Noma, emva kokuba cishe usube nokune noma okuhlanu kwalokho kubona okufihlakeleyo, ngingabe sengilele kwiphansi, mhlampe, mhlawumbe, noma sengibuthakathaka kakhulu ngingeke ngisho ngazi. Umbono, uma ubona umbono, uzofanele uhunyushwe, futhi, niyazi. Izikhathi eziningi akusikho nje ncamashi nje, kufanele nje ku . . .

104 Manje wenza lokho, uqobo lwakho, ukukholwa kwakho kuyikhona. Ukukholwa kowesifazane kwathinta iNkosi uJesu, futhi wakholwa ukuthi Waye—WayeyiNdodana kaNkulunkulu. Futhi kwadonsa amandla kuYe, kuye owesifazane, kumnika izifiso zakhe, futhi Wajika wayesemtshela ukuthi isimo sakhe sasesiphilisiwe.

105 Niyabo, "Ukukholwa kwakho kuku*sindisile*." Manje kunezifundiswa ezinkulu ezihlezi lapha, ngiyazi. Lelozwi lithi "sozo." "Izwi lakho liku*sindisile*." "Ukukholwa kwakho kuku*sindisile*." Njengoba nje ukukholwa kwakho kukusindisa esonweni, ukukholwa kwakho kukusindisa ngokomzimba, niyabo, ekuguleni. Manje ufanele ukukholwe.

106 Manje ngicela bonke bathule ngempela futhi bathobe ngempela, okwemizuzu embalwa. Futhi kwangathi uMoya oNgcwele manje, nje okungenani ababili noma abantu abathathu kulezizethameli yilokho konke engikucelayo, ukuthi ningahle nibone ukuthi nje akusikho okuzenzekelayo nokunye okuningi. UMoya oNgcwele ulapha ukubonakalisa Yena uqobo.

107 Manje omuny'umuntu ezethamelini. Manje, angazi muntu oyedwa, ngaphandle kowami othandekayo uDadewethu Upshaw ehlezi lapha, engingambona ezethamelini ngalesisikhathi, engimaziyo. Nguye kuphela. Futhi manje angikwazi . . .

108 Kunjengokuzwa kwakho nje. Niyabo, ukuzwa kwakho okuncane yilapho ophupha khona.

109 Ngike ngaba nokuxilongwa komzimba, lapha okuthi akube kubili, eminyakeni emithathu edlule, ngamaza esikhathi, ngamaza engqondo, niyazi. Nodokotela bayaphuma bathi, "Heyi, ungumfo oxakile."

Ngathi, "Yini indaba na?"

110 Bathi, "Uyazi ukuthini?" Bathi, "Ubungaphupha ngenkathi uphapheme ukuphaphama."

Ngathi, "Ini?"

Bathi, "Ungaphupha ngenkathi uphapheme ukuphaphama." Ngathi . . .

111 Bathi, "*Nakhu* ukuzwa kwakho kokuqala," bathi, "kulawulwa eyakho eyisikhombisa, noma imizwa yakho eyisithupha; ukubona, ukunambitha, ukuzwa, ukuhogela, nokuhogela. Ukuzwa kwakho kokuqala kusebenza kuphela inqobo nje uma usemizweni yakho eyisithupha." Bathi, "*Nakhu* ukuzwa kwakho okuncane." Bathi, "Uma lena ingasebenzi, khona-ke uya ekuzweni kwakho okuncane. Uma lena ingasebenzi, ulele, futhi uyangapha futhi uphuphe iphupho, ingxenye ethize yakho iya ngapho. Bese kuthi-ke uma ubuya *ngapha,*" bathi, "khona-ke uyakhumbula okuphuphile ngenkathi wawuphumile emizweni yakho yokuthinta, yokunambitha, yokubona, yokuhogela, neyokuzwa." Niyabo? Futhi bathi, "Lokho ngokwejwayelekile."

112 Bathi, "Asikaze sikubone ngaphambili. Kodwa kokubili okwakho kulele khona lapha ndawonye," bathi, "omabili amaza akho okushaya isikhathi, ekuzweni okuncane nokunye ukuzwa kwakho. Abakaze bezwe ngakho ngaphambili, empilweni yami." Bathi, "Ndoda, ubungaphupha iphupho, usukumile futhi uphapheme ukuphaphama."

Ngathi, "Dokotela, sewake wezwa ngombono na?"

Wathi, "Qhabo, angikholwa ukuthi sengake ngezwa."

Ngathi, "Uyikholwa na?"

113 Wathi, "NgiyiPresbyterian, Mfowethu Branham, kodwa," wathi, "yilokho kuphela." Wathi, "Umelusi unabanye abantu ezansi lapho, njalo ngoLwesine ebusuku," wathi, "konke engikuzwayo ngukuthi 'iPresbyterian, iPresbyterian, iPresbyterian.'" Wathi, "Angiyi ngisho nasezansi."

Ngathi, "Sewake wafunda eBhayibhelini na?"

Wathi, "Ngifundile."

114 "Sewake wezwa ukuthi abaprofethi abadala, beTestamente eLidala, bachezukela kwelinye izinga nalokho na?"

Wathi, "Ngabe yilokho okhuluma ngakho na?"

Ngathi, "Yilokho." Ngase ngithi . . .

115 Wathi, "Awu, lokho kungaba yisimangaliso. Awusho, Mfowethu uBranham, ubufanele uye . . . "

116 Ngathi, "Sengivele ngixoxiswe ngabakwaMayo, uyabo." Ngase ngithi u . . . Ngathi, "Kodwa, buka, uke uphuphe iphupho, dokotela na?"

Wathi, "O, impela."

117 Ngathi, "Ngiphuphele iphupho, khona-ke. Hamba nje uyolala bese ungiphuphela iphupho, ungitshele ukuthi angenzeni. Ubungeke ukwenze. Kodwa noma ngabe ubani okulawulayo, ubengakunika iphupho, ngami, futhi-ke ubungaphaphama bese ulixoxa."

118 Ngeke ngakwenza, nami. Ngeke ngathi ini, phakathi *lapha*. Kufanele kube nguYe okwenzayo. Futhi ukukholwa kwakho, kuYe, kuqinisa leliZwi. Nje, lowo wesifazane, akunandaba ukuthi noma ngabe ubani wathini, wakholwa ukuthi uma wayengathinta ingubo yaKhe, kwakuyo, kwakuyokwenzeka. Manje, Nguye izolo, namuhla, naphakade. Manje ileyonto kuphela okuyiyo.

119 Uyabo, uma ubona ukuzifanisa nabanye abantu, nokunjalo, mngani, kuthi ukukucasula kancane. Kodwa qhubeka nje, noma kanjani. Kuzo—kuzolunga, uyabo. Manje, buka, ufanele ukuzalelwe lokho. Uyazalwa, nazo zonke iziphiwo zokwemvelo ziza kuwe. "Iziphiwo nokubizwa kungaphandle ngisho kokuphenduka." Njengendoda . . . Njengoba bengixoxa noPaul Cain, esikhashaneni esidlule, nge . . . Njengo Ernie Ford, noRed Foley, noEvils Presley, labo bafo nalawo mathalente amakhulu okucula, futhi belisebenzisela izwe. UNkulunkulu wabapha lawomathalente, futhi bukani ukuthi wenzani ngalo na?

120 Kunjengo Juda Iskariyoti ethola izinhlamvu ezingamashumi amathathu zesiliva ngakho, kuloWo Owabanika lona. Bebefanele balisebenzisele uMbuso kaNkulunkulu. Futhi uma ulixubanisa, ngicabanga ukuthi bebengafanele ukuba bavunyelwe ukucula ihubo; elingelasebandleni nanabantu, kungabi phandle lapho ukwenza okuningi ukuzenzisa. Bangena

eNingizimu Afrika, futhi babe kakhulu, "Ngani, uElvis Presley ungumfana wenkolo impela, ucula amahubo." O! Lokho akuthi shu. Kimi, ngomunye uJuda. Nabobonke labobantu othatha lezoziphiwo zikaNkulunkulu futhi aziphendukezele.

121 Ngisho nakumfundisi oyolithatha futhi aliphendukezele esivumwenikholo, esikhundleni seZwi likaNkulunkulu, futhi asebenzise ukuthonya kwakhe ukuthonya ngesivumokholo futhi hhayi ngeZwi likaNkulunkulu, nguJuda ongowesibili. Angi . . .

122 Bengingafanele ngikusho lokho. Wena, uma ngikulimaza, ngithethelele. A—angifanele ukusho lezozinto lapha. Kulungile.

Nansi into eyodwa, ngingakusho Angitshela khona. Nina khulekani.

123 Manje, Nkosi, iZwi elilodwa elivela kuWe liyosho okukhulu kunoma bengingasho esikhathini sempilo. Ngiyakholwa. Wakwethembisa. NgingowaKho. Mababone ukuthi uMoya waKho ulapha, manje-ke uma benyukela kulomugqa womkhuleko, ukuba bakhulekelwe, bazoqonda, Nkosi. "Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo." Ngikhulekela ukuthi bazobona ukuthi akusiyo inceku yaKho. NguWe. Ngicela eGameni likaJesu. Amen.

124 Hlalani nithule nje, umzuzwana nje. Ngeke ngakwenza lokhu. Wena uthi, "Mfowethu Branham, ini?" Ngeke nganitshela. Ngingakwenza kuphela njengoba Engibonisa.

125 UJesu wathi, "Angenzi lutho uBaba aze aNgibonise, kuqala. ENgibona uBaba ekwenza, iNdodana iyakwenza kanjalo."

126 Lapha, uma niphakamise amakhanda enu, bukani lapha. Niyabo, ohlezi khona lapha ekugcineni komugqa, lelonenekazi elincane na? Liphethwe yinkathazo yabesifazane, inkathazo yamanenekazi. Kunjalo, nenekazi eliselincane. Kunjalo, ukumunceka nayoyonke into. Ngabe kunjalo, phakamisa isandla sakho? Uyisihambi uqobo. Inenekazi elincane, nakho ukuKhanya phezu kukadade ngqo, ekupheleni komugqa ngqo lapho. Yinenekazi elincane, owesifazane osemncane nezinwele . . . Ngimbona ebhavu. Uma uzokholwa khona manje! Manje, uyazi ukuthi into ethize yenzeke ngayo leyonkathi. Khona manjalo nje, Into ethize nje ivele yahamba ngawe. Ibingenjalo na? Lokho bekungukuphiliswa kwakho. Uyabo, lokho kungenkathi nje kudamba futhi kwasuka kwahamba. Ukukholwa kwakho kukusindisile.

127 Leyo akusiyo yini into efanayo iNkosi yethu eyayenzayo na? Kwakho . . . Wayenomopho, lowo wesifazane. Wathinta ingubo yaKhe, wayesejika. Wakuzwa. Wabuka. Wathi, "Ngumopho wakho," wawuzwa unqamuka. Nanso ncamashi into efanayo uJesu Kristu ayenza. Kuyini na? NguYe. O, ngi—ngiyazi nibone yonke into, kodwa ngi—ngibophezeleke kuphela kulokhu. UNkulunkulu ubophezeleke kuphela eZwini laKhe.

128 Lapha, ukuze nazi. Ohlezi emva kwakhe ngqo yinenekazi lihlezi lapho linesithuthwane, linamalumbo esithuthwane. Uma ukholwa, uNkulunkulu uzosisusa isithuthwane kuwe, nenekazi. Uzokwenza uma uzokukholwa. Yiba nokukholwa. Ungangabazi.

129 Niyabona ukuthi ngichaza ukuthini na? Manje omunye ngale ku*lesi* isigaba ngapha, ndawondawo khona phakathi lapha, ukuze nizobona. Niyabo, okuyikho, nibuka . . .

130 Ake ngisho lento eyodwa ngaphambi kokuba ngihambe manje, ukuthi ukuba ngiziphumuze.

131 Niyabo, lokho, lokho kuyanithola. Lokho kuthatha amaningi amandla kunalokho engikushumayelile. Impela. Niyabo, lokho nguwe usebenzisa isiphiwo sikaNkulunkulu. Ukuba uNkulunkulu ubenikeze isiphiwo au-. . . noma anikeze u—umbono ngokuzenzekelayo . . . Njengoba uJesu abona uLazaru efa, futhi wasuka wahamba ekhaya futhi walinda; wase-ke ebatshela okwakuzokwenzeka, wayese buyela emuva wayesekwenza, Akazange asho ukuthi Wababuthakathaka. Kodwa lowo wesifazane omncane oyedwa, lowo kwakungowesifazane esebenzisa isiphiwo sikaNkulunkulu. Nguwe. Isiphiwo sikaNkulunkulu, uma Esisebenzisa, asikwenzi. Kodwa uma wena usisebenzisa; yilapho-ke uNkulunkulu enawe usezandleni zaKhe, futhi ethi, "Lokhu kuzoba *kanje*, lapha nalapha nalapha. Yilendlela okuzoba ngayo." Yileyondlela okungayo; akukukhathazi. Kodwa uma labo bantu befinyelela phakathi futhi badonse lokho, yilokho okukwenzayo. Yilokho okukwenzayo.

132 Abantu namhlanje, uNyaka weBandla laseLawodikeya, lokho kubala ngokuhlehla kokugcina. Nabona yini, ngubunye ubusuku, ngaphambi nje kokuba uphapha waseRoma enze ukuvakasha kwakhe kokuqala, kuwo wonke umlando, eJerusalema na? Akaze abe khona uphapha eJerusalema, othunywayo, ngaphambili. Niyabo, wahamba esuka eRoma waya eJerusalema. Ibandla, inyanga imele ibandla, ibonisa ukukhanya kwelanga, uma lingekho. UNkulunkulu wenza izibonakaliso emazulwini ngaphambi kokuba Asimemezele emhlabeni. Naqaphela yini inyanga yabamnyama bhuqe na? IJerusalema liyibandla elidala kunawo onke ezweni. Niyabo? Futhi ngenkathi loMkhandlu weNkolo yonke yobukristu nalezizinto ezi . . .

133 Ndoda, ngiyethemba, uma ulapha, ukuthi lokhu ngempela kuhamba kuwe. Uma uzijoyina wena uqobo, awazi yini ukuthi uthatha uphawu lwesilo, mngani wami na? "O," wena uthi, "uma ngikubona kwenzeka!" Sekuleyithi kakhulu ngaleyonkathi. Usuvele ukwenzile. Uyabo? Sekuleyithi kakhulu ngalesosikhathi. Khumbula, zifika ukuzothenga amaFutha, kodwa kwakukhona . . . azikwazanga ukukwenza.

134 Naqaphela yini ukuthi kwenzekani, ukuthi yini eyenza leyonyanga ibemnyama bhuqe na? Izwe langena endleleni yakho. Kanjalo nezwe lingene ekuKhanyeni komBhalo, phakathi kwePresbyterian, amaMethodisti, amaBaptisti, amaPentecostal, nathi sonke. Kungokwalokho-ke ukuba mnyama bhuqe.

135 Futhi nawuqaphela yini uNyaka weBandla waseLawodikeya, futhi, kwakungunyaka webandla kuphela uJesu ayengaphandle, ezama ukungena na? Naqaphela yini akazange Athi "bayekeni kanjalo"? UJesu uyiZwi (Ngabe kunjalo na?), iZwi elibonakalisiwe. Manje U . . . Manje lalelani. Wayengenjalo, niyabo, asuke ahambe futhi wabashiya, kodwa Wayezama ukuthola ubambiswano oluthize ndawondawo. "Oyovula umnyango, Ngiyongena naye, ngidle naYe, naye naMi." Kodwa, akukho-mnyango, niyabo; ezama nje ukungena, ngaphandle. Abenqabi yena umuntu. Benqaba uNkulunkulu.

136 Uyakukholwa lokho, nenekazi elincane uhlezi lapho ufake izibuko zelanga na? Yebo. Uyakukholwa lokho na? Ubunemicabango ethize ejulile ngayo leyonkathi. Amehlo akho azophiliswa uma uzokukholwa.

137 Manje ake nginitshele. Omunye uthi, "Ufake izibuko, isizathu sokuba ekwazile." Qhabo.

138 Bukani lapha. Woza lapha; ungezi lapha, ngibuke nje umzuzu nje. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, noma inceku yaKhe na? Uyakukholwa na? Uyakukholwa. Ufanele ube nakho, naleyomicabango obunayo ngaleyonkathi, ucabanga ukuthi kuyimfihlakalo kanjani, "Isambulo esikhulu kangaka leso esibe yiso, senyanga, futhi imele lokho." Kunjalo na? Ngabe kunjalo, phakamisa isandla sakho.

139 Manje bengingakwazi kanjani abeyikho ngisho nokucabanga enhliziyweni yakhe na? "IZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, lahlulela imicabango osenhliziyweni."

140 Manje khulekela omuny'umuntu, noma wenze okuthize. Lapha, nakhu okuqhuma enhliziyweni yakho khona manje. Lapha, nakhu okusenhliziyweni yakho. Unabafowenu ababili obakhulekelayo, futhi bobabili bangabangenwe uphuzo. Uma lokho kunjalo, phakamisa izandla zakho. Kulungile.

141 Kulungile, niyabo, nakho lapho enikhona. Niyabo? Niyabona lapho? Niyabo? "Libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, lahlulela imicabango nemizindlo esenhliziyweni." Anikuboni, bangani na? Sikwedlulile ukukhuluma ngezilimi. Singunyaka kasomkhumbimkhathi.

142 Lapha, nansi indoda khona ngqo phambi kwakhe, ikhothamise ikhanda layo. Inezinwele ezilula, igqoke ibhantshi elimhlophe, ifake izibuko. Inenkinga yokomoya ukuthi ingu . . . John Thom- . . .

143 O, awume umzuzu, ngiyayazi leyondoda. Awume umzuzu. Ngiyaxolisa. Ngi—ngiyayazi indoda. Kunjalo. Ngikholwa ukuthi nga—ngahlangana nayo kanye, ndawondawo. Angisakucabangi. Ngikholwa ukuthi kwakuseTucson, lapha kungekudala, ngabaxhawula e . . . Futhi—futhi kunjalo.

144 Kodwa ububiza uNkulunkulu khona lapho. Unenkinga enkulu yokomoya ukuthi awukwazi ukuthi uyilawule kanjani. Buka, Mnu. Thomas, ungakhathazeki, izoba kahle. Manje ukuze wazi ukuthi lokhu . . . Wathi, "Awu, u—ubeyazi indoda." Awu, loyo ngumkayo ehlezi ngakuyo. Bengingazi ukuthi leyo bekuyinkinga kaMnu. Thomas. Yena, uzokufakaza lokho. Kodwa umkakhe ehlezi eduze kwa (yena owesifazane) khe lapho, unenkathazo yendlebe aphethwe yiyo. Kunjalo na? Kunjalo. Kulungile.

145 Lapha, thatha inenekazi inenekazi elilandelayo, elilandela kuye. Bheka ngapha, nenekazi. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Inenekazi elincane elifake ibhantshi elibomvu, uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uphethwe yinkathazo, nawe. Uphathwa yikhanda ngasosonke isikhathi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa na? Uma ukholwa, phakamisa ikhanda lakho, izandla, bese uthi, "Ngiyakukholwa." Kulungile. Lokho kulungile. Uyabo? Kulungile, uma ukukholwa!

146 Lapha, inenekazi elincane elifake ibhantshi eliluhlaza sibhakabhaka, lihlezi eduze kwalo. Uyakholwa, dade na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angayiphilisa inkathazo yenhliziyo futhi akusindise na? Uyakholwa na? Kulungile, ungaba nakho.

147 Inenekazi elihlezi eduze kwalo, inenekazi eselikhulile, eselikhanda limpunga. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angaphilisa, nawe, ibhiphi, futhi akusindise na? Kulungile, ungaba nakho ukuphiliswa kwakho. Uyabo?

148 Inenekazi elihlezi eduze kwalo, unenkathazo ngezindlebe zakho, futhi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyayiphilisa inkathazo yendlebe na? Ngakho-ke ungabanakho ukuphiliswa kwakho.

149 Inenekazi elihlezi eduze kwalo. Uyakholwa, nenekazi, ngayo yonke inhliziyo yakho, ukuthi uNkulunkulu uyaphilisa na? Unento ethize okhuleka mayelana nayo. Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho ukuthi uNkulunkulu uyaphilisa na? Kulungile, uma ukukholwa lokho ngayo yonke inhliziyo yakho, inkathazo yakho yesisu ingasinda. Ungaya ekhaya, udle idina lakho futhi usinde.

150 Mnumzane, wena ohlezi eduze kwa—kwalo. Uyakholwa ukuthi—ukuthi uNkulunkulu angakuphilisa, nawe, futhi akusindise na? Ubungakwemukela na?

Bangaki, bonke abanye benu, abazokukholwa ngayoyonke inhliziyo yenu na? Impela, nizokholwa. [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

151 Inkathazo yesisu, inkathazo yenhliziyo, uNkulunkulu uyiphilisa yonke, ayisindise. Kunjalo. Uma ni . . .

152 Indoda ehlezi eduze kwalo, inenkathazo yeqolo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyayiphilisa inkathazo yeqolo, mnumzane na? Uyakholwa na?

153 Inenekazi elihlezi eduze kwakho linenkathazo yeqolo, nalo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyayiphilisa inkathazo yeqolo, nenekazi na? Kulungile, ungaba nakho okwakho. Kunjalo. O, into kuphela ofanele uyenze . . .

154 Inenekazi elihlezi eduze kwalokho linenkathazo yenanzi. Kunjalo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzoyiphilisa inkathazo yenanzi yakho, nenekazi na? Uyakholwa na?

155 Lapha, kwehle njalo ngomugqa, bukani. Kunokulimala kobuchopho okuhlezi lapho. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyakuphilisa ukulimala kobuchopho na? Uyakholwa na? Ungaba nakho.

156 Ohlezi eduze kwakho unezithuthwane. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyasiphilisa isithuthwane na?

157 Oyedwa ohlezi eduze kwakho une . . . unenkathazo yeso. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyayiphilisa inkathazo yeso, mnumzane na?

158 Ohlezi oduze kwalokho, lowomfanyana, naye unesithuthwane. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyasiphilisa isithuthwane na?

159 Othandekayo wakhe ehlezi lapho kanye naye unenkathazo yekhanda lakhe. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzoyiphilisa inkathazo yekhanda lakho, nenekazi na? Kulungile, ungabanakho.

160 Amen! Kuyini na? IZwi likaNkulunkulu lalolusuku libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, uJesu Kristu emandleni kasomkhumbimkhathi! Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

161 Abethini amakhadi ethu omkhuleko okuqala na? [Omunye uthi, “o A.”—Umhl.] o A. Bonke abantu onekhadi lomkhuleko uA, sukumani nize *ngapha*. Manje wozani masinya, ikhadi lomkhuleko uA, ngenkathi ugcobo lusahamba ngendlela oLuyiyo. Ikhadi lomkhuleko uA. Ini? [Omunye uthi, “Ngibakhuphule? Noma phansi lapha? Lethani abafundisi ngapha esinxeleni.”]

162 Ngiyanitshela esingakwenza: Asi—asibamise khona phansi lapha, ukuze ngehle futhi ngibakhulekele phansi lapha. Ngikholwa ukuthi kungabangcono. Wozani. [Omunye uthi,

"Ufuna imayikhi na? Ufuna imayikhi enentamo, awuyifuni na?"—Umhl.]

163 Yehlani *ngapha*, bangani, phansi ngapha ukuze sizokwenza umugqa. Lonke ikhadi lokukhulekelwa uA, yimani kuqala, kade bebambe amakhadi abo isikhathi eside. Akuthi wonke umuntu onekhadi lokukhulekelwa uA, asukume ngapha. Billy, yehla bese ubona ukuthi ngabe basemgqeni yini.

164 Manje ikhadi lomkhuleko uB, mababalandele. Wonke onekhadi lomkhuleko uB, landelani oA. Hambane, nihambe nijike ngesinye isikhala sezihlalo lapho, uma ningaphumelela, futhi nenze umugqa wenu uze ujike ngapho; uA, uB.

165 Uma kuphela nizokholwa! Usomkhumbimkhathi kanye nje, nisuke emotweni nasebhanoyini. Asingene kuze kuthi zonke izinto ziyenzeka.

166 UA, uB, manje noma ubani onekhadi uC, joyinani ngqo phakathi emva kwabo. Ikhadi lomkhuleko uC, yanini emuva ngemuva lapha, hambani nidabule *ngapha*, isikhala sezihlalo esiphakathi nendawo, futhi nihambe ninqamule futhi nenze umugqa wenu lapho. Ikhadi lomkhuleko uA, uB, uC. [Omunye umuntu uthi, "Kungahle kube nabanye abasele. Kungahle kube nabanye futhi. Nje biza onke amakhadi."—Umhl.]

167 Emuva *ngapha* manje. Nakho-ke, yenzani umugqa wenu nidabule ngqo *ngapho*, ngapho. Jikani ngqo *ngapha*, ukuze sikwazi ukuqiniseka ukungena emgqeni. Ikhadi lomkhuleko uA, uB, uC, mabalayine kuqala.

168 Bamba ikhadi lakho nje ngesandla sakho, ngizoba nabanye abangenisi ukuba bathathe amakhadi enu. Angazi ukuthi sizoke size sibalayinise kanjani ngokwezinombolo. Ngiqagele kuzolunga, noma kanjani. [Omunye uthi, "Sekulungile, Mfowethu Branham."—Umhl.] Badedele nje.

169 UA, uB, uC, manje uD. UA, uB, uC, uD, ikhadi lomkhuleko uD. UA, uB, uC, uD. Ngabe bakhona oD na? Ngiqagele sengiputshukile. Ikhadi lomkhuleko uA, uB, uC, uD. Kulungile. Noma ubani onamakhadi omkhuleko manje, layinani. Wonke umuntu onamakhadi omkhuleko, ngenani ezigabeni zenu futhi nilayine. Akukho-ndlela kithi, nhlobo, ukuba sike sikwazi ukukwenza, ukubagcina bonke ngokuphelele emgqeni ngezinombolo.

170 Manje ngifuna ukwazi ukuthi bangaki phakathi lapha ozobe ekhuleka kanye nami nisa . . . sisakhulekela laba abagulayo. Lalelani, ngabe ni . . .

171 Manje, bukani, uma nizoza nedlule ngapha ukuba nikhulekelwe, nithi nje, "Awu, ngizowela ngibone ukuthi kwenzeka kanjani," kungangcono nje uthole isihlalo sakho. Akuzukwenzeka. Niyabo?

172 Manje Angenze enye into eyodwa ngaphezulu, futhi akasoze enze esinye isibonakaliso esingaphezulu phambi kwabantu. Lokho kungokweBhayibheli. Ngifuna umuntu mumbe angitshele esinye futhi isibonakaliso Athembisa ukusenza ngaphandle kwaleso Asesenzile khona lapha. "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma," noMalaki 4, nalezo zithembiso Azenza, konke kuba yimigaxo engena ngqo entweni efanayo. Asiseyukubabikho esinye isibonakaliso esinikezwa ibandla. Into elandelayo enizoyibona kuyoba ngukundizela eZulwini. Bayokhushulwa.

173 Unga, ungakugeji, mngani. Khumbula, lalela iPhimbo lami. Liyokuhambela yonke impilo yakho, uma ungangenile. Phandle ngaleya, uma usuhlupheka ngesijeziso sakho, nalapho okukhona khona ukukhala nokulila nokugedla amazinyo, leloPhimbo liyodazuluka liye emuva naphambili, uyaLizwa ngaso sonke isikhathi kuleyo eqeda amandla, indawo enezipoki yasesihogweni. Ungehluleki. Manje ithuba lakho.

174 Manje, o, baningi kakhulu nje! Angazi noma bengingathola . . . Bekungalunga yini, nina bafowethu ukuba nikhuleke kanye nami, ukuba ningisize ngibakhulekele na? [Umfowethu uthi, "Yebo."—Umhl.] Manje, ngabe laba abefundisi, ngapha na? ["Yebo."] Bengi—ngingeyishiye lendawo . . .

175 Manje, bukani, ngisho ezinye izinto ezithi ukukhahlana ngebhanoyi, imoto. Khumbulani, zingamandla ehhashi, nazo. Konke okwakho ngamandla ehhashi. Ibandla liyenyuka nje, amandla kaMoya oNgcwele: Ngamandla kaMoya oNgcwele esilungisiswa ngawo. Nina befundisi niyakwazi lokho, anikwazi na? UMoya oNgcwele uyasilungisisa. UMoya oNgcwele uyasigcwalisa. UMoya oNgcwele usinikeza ukukholwa kokuhlwithwa, niyabo, lapho senyuka.

176 Manje, bengingelishiye lelizwe lapha, nani nonke nicabanga ukuthi okwenu . . . ukuthi, "O, uMfowethu Branham uyinto ethize!" Angisiyo. Angifanele ngisho nokuhlala nalabo belusi. A—anginakho ukufunda esikoleni. Mina, ngiyilowo ongaphandle kwenkathi. Futhi yingalesosizathu uNkulunkulu engivumela nje ngenze lento encane lapha, ukuqinisa nje lokho umelusi wenu obenifundisa khona. Bayindoda kaNkulunkulu.

177 Lalela, uma ugula, awudingi ukuba ulinde uMfowethu Oral Roberts, noma uMfowethu Paul Cain, noma mina, noma yimuphi omunye umuntu. Umelusi wakho omesabayo uNkulunkulu, izandla zakhe ezingcwelisiwe ezingcwele phezu kwakho, uyazi ukuthi wambizela ukuba akukhulekele. Ubeka izandla zakhe phezu kwakho uma ushiswa yimfiva; into yokuqala uyazi, ezinsukwini ezimbalwa awusenayo leyomfiva, futhi ususindile. Kuyini na? Ngukukholwa komelusi wakho, nokwakho. Yebo, mnumzane. Akasiyo indoda eseceleni. Uyinceku kaNkulunkulu,

ephezulu ngqo emgqeni ongaphambili, neNkemba esika nhlangothi zombili isesandleni sakhe. Impela. Impela unjalo.

178 Ngizocela laba belusi ukuba beze lapha, bame nami ngenkathi sikhuleka. Nizokwenza lokho, nonke na? Wozani ngqo lapha futhi nje . . . Ngizokwehla nani ngqo, futhi asenze umugqa oyidabuli khona *lapha*. Manje uma abantu bephiliswa, bangeke bathi, "Niyabo . . ." Ngifuna izandla zakho, melusi; nina, bazalwane bami. Futhi manje si . . . ni . . . Uma nizovele nje . . .

179 Uma uza, uthi, "Awu, ngizozama. Ngizo . . ." Qhabo, ungakwenzi. Ungakwenzi, ungathathi indawo yomunye umuntu. Uyabo? Woza, wazi ukuthi uzothola lokho okucelile.

180 Ake nibheke lapha nje, isigejane esinje pho sabefundisi! O, he! Ngibonane cishe nabaningi impela balawa indoda. Ngiyabazi. Ngiyabazi, ngokubonana nabo ezidlweni zasekuseni, ka—kanjalonjalo. Bangabantu abamesabayo uNkulunkulu. Bayizinceku zikaNkulunkulu.

181 Manje ake nibheke lapha. NgoSuku lwePhentekoste, uMoya oNgcwele Wazehlukanisa wona uqobo, nezilimi zoMlilo zahlala phezu kwalowo nalowo. INsika yoMlilo enkulu yehlukana, futhi ngamunye wemukela isabelo salowoMoya oNgcwele, phezu kwabo, njengezilimi zoMlilo. Awu, uma ubeka ulimi olulodwa loMlilo, nezilimi ezimbili zoMlilo, ndawonye, unamandla aphindwe kabili obunawo kolulodwa. Khumbula, kwakungesuye uHezekeli, embonweni wakhe wezinti ezimbili esandleni, niyabo?

182 Manje ake nibheke lapha, bhekani lapha ukuthi ninani, onke lawa indoda kaNkulunkulu! Ngaphandle kwalokho, bangaki ezethamelini khona lapho ozobe ekhuleka, phakamisa isandla sakho? Ake nibheke lapha! Manje, nina bantu enisemgqeni womkhuleko, bukani lokhu. Bukani ngaphandle lapha ukuthi yini ezobe inikhulekela, amakhulu abantu.

183 Manje uMoya oNgcwele ulapha khona manje, uJesu Kristu, ezifakazela Yena uqobo, Ulapha. Angenze okungaphezu kwalokho. Manje bangaki emgqeni womkhuleko okukholwayo, phakamisani izandla zenu? Manje masithi sonke.

184 Manje ngizoba noMfowethu Borders, noma omunye, umholi wamaculo. Ubani umholi wamaculo na? Unayo imayikhi lapho na? Kulungile. Ngizoba nabanye babo ukuba beze lapha futhi bacule leloculo, *Kholwa Kuphela*. "Konke kuyenzeka, kholwa kuphela."

185 Manje-ke besacula leliculo, ngifuna wonke umuntu abe semkhulekweni. Ninga—ninga, ngaphandle uma kwenzeka into egqamile, ningabheki ngisho naphezulu.

186 Manje nizofanele nibeqotho. Kuphakathi kokufa nokuphila, kwabanye balababantu. Bakhona lapho benomdlavuza, nethumba, neTB, nayo yonke into, befa. Ukuba-ke lowo

bekungunyoko na? Ngowomunye umuntu, khumbulani. Manje hloniphani ngempela. Futhi uma beza bedlula futhi sibeke izandla phezu kwabo . . . Ngehla ngqo nalawa indoda. Futhi lapho wona, thina, sibeka izandla phezu kwalabobantu, khulekelani ukuthi bazosindiswa.

187 Futhi manje nina enisemgqeni womkhuleko. Manje akuthi mina, nginganitshela kuphela. Manje, emuva lapho, nabobonke labo abazoba semgqeni womkhuleko. Uma niza nedlula, yenzani lokhu manje, uma nizo—uma nizongikholwa. Bukani, uma niza ngalomugqa, futhi uma i . . . Hambani ningene kulowomugqa, khumbulani nje, sengathi nihamba phansi kwamathunzi esiPhambano. Nenza . . . Lamadoda enza khona impela uJesu athi awakwenze. "Bayobeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda." Ngiyehla, njengoba ngishilo ekuqaleni, ngendlala inetha yami nawo, ukuze sikwazi ukwenza konke esingakwenza ukusiza nina bantu. Nizokholwa na?

188 Manje asikhuleke, kuqala, ngoba Kwathi . . . Niyazi, uPetru wahamba wayesekhuleka eceleni kwekamelo lapho uDorka wayekhona, efile, wase-ke eya ngale wase ebeka izandla zakhe phezu kwakhe. Emva kokuba esekhulekile, wasukuma wayeseya ngale wase ebeka izandla phezu kwakhe. UElija wehla wenyuka kwiphansi lendlu, uMoya waze wafika phezu kwakhe, wayesehamba-ke wayesebeka umzimba wakhe phezu kwengane efile. Niyakukhumbula lokho na? Manje sizokhuleka, bese-ke sibeka izandla phezu kwenu lapho nedlula ngomugqa. Futhi nize nidabule lapha futhi, kothi nje lezozandla zinganithinta, niphakame futhi nemukele ukukholwa kwenu, bese nihamba nisuka, nidumisa uNkulunkulu. Yiba ngusomkhumbimkhathi manje lapho uza wedlula, suka undize nje usuke kukho konke ukungakholwa.

189 Baba wethu oseZulwini, lokhu kufika kuvuthondaba nesikhathi esibucayi, into enkulu kunazo zonke engenzeka, kubantu abagulayo, sikhona manje. Lapho, isinyokotho lapha samakhulu abantu sizobe sedlula ngomugqa womkhuleko wabefundisi Obabizile kuyo yonke imikhakha yempilo, futhi banike Wena impilo yabo, ekuhlonishweni kweZwi likaNkulunkulu nobizo lwabo.

190 Lapha kulelibhokisi ngamaduku, aya kubantu abagulayo nabahluphekile. Nkosi Jesu, makuthi ngamunye wabo asinde, njengoba siwathumela eGameni likaJesu Kristu.

191 Futhi njengoba lababantu abagulayo beza ngalomugqa, kwangathi bonke, Nkosi, bangaba nokukholwa manje. Sengathi bangacabangisisa, futhi bathi, "Kade ngilokhu ngidlala. Ngeke ngisadlala. Uma ngizokholwa, ngizokholwa khona manje. Sengilibonile iZwi likaNkulunkulu eliphilayo libonakaliswa. Ngiyazi, kulelikamelo, uJesu Kristu undawondawo. Impela lo AZibonakalisa ngaye akazukusitshela okuyiphutha, ngokuba

Wena wathi, 'Uma ekhona ongowomoya, noma umprofethi, futhi akushoyo kufezeke, khona-ke mzweni.'"

192 Nkosi Nkulunkulu, kwangathi lokho kungaba semqondweni wabantu, ukuthi ngizama ukubatshela ukuthi Wena awufile, ukuthi Uyaphila khona lapha manje, futhi U—ugcobo lwaKho luphezu kweBandla laKho nabantu baKho. Mabaphiliswe njengoba bedlula. Ngikhuleka lomkhuleko eGameni likaJesu Kristu. Amen.

193 Manje asibe silokhu sisemkhulekweni, ngenkathi uMfowethu Borders noma ngabe ngubani ozohola ukucula. Gcinani amakhanda enu ekhotheme, futhi ngiyehla manje ukuma emgqeni lapha futhi ngikhuleke nalababantu.

194 [UMfowethu Branham nabefundisi manje bakhulekela wonke umuntu osemgqeni womkhuleko, ngenkathi ibandla likhuleka, futhi licula elithi, "*Kholwa Kuphela*." Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

Nkosi, ngiy'akholwa,
Ngokuba konke kuy'ezeka, O Nkosi, ngiy'akholwa;
O Nkosi, ngiy'akholwa, (masiphakamise izandla zenu njengoba silicula), O Nkosi, ngiy'akholwa,
Konke kuyenzeka, O Nkosi, ngiy'akholwa.

195 Niyazi, angikholwa ukuthi ngake ngedlula emgqeni womkhuleko empilweni yami, engake ngazibonela noma yikuphi ukukholwa okwedlula engikubonile kulowomugqa. Ngempela umugqa womkhuleko omuhle ukudlula yonke ngiyakholwa engake ngaba nawo eUnited States, empilweni yami, ukubona umugqa wedlula kanjalo. Ngiqiniseke impela nje njengoba igama lami linguWilliam Branham, futhi ngimi lapha kulomsamo, nina belusi nizozwa ngabantu benu owedlule emgqeni. Bekungukukholwa okuhle kakhulu ngempela, okunye kokwedlula konke engake ngakwazi empilweni yami, ngokwendlela kuphela engimelwe ukukufakaza, ngogcobo lukaMoya oNgcwele. Kube yisimangaliso ngempela. Ngiyanibonga, bantu.

196 Manje wonke lowo okholwa ukuthi uyaphiliswa, thana, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Lapho, lalelani lokho! UNkulunkulu anibusise.

197 UNkulunkulu abe nani size sibonane futhi. Uma iNkosi ithanda, ngizoba senhla lapha kuleTulare. Ngabe lelo yilona gama lalokho na? ITulare, eTulare enhla lapha, kuleliviki elizayo.

198 Manje asisukume sonke ngezinyawo zethu, umzuzwana nje, sisakhishwa ngendlela yenqubo ejwayelekile. Bazobe-ke sebenikezela ngezindwangu zomkhuleko lapha, kanjalokanjalo. UNkulunkulu anibusise.

199 Futhi uNkulunkulu anibusise nina bafowethu abakhonzisayo. Yilokho okukwenza kube yikho kakhulu ngempela, nxa nina bafowethu, bekukhona uPaul Cain nabo bonke laba abelusi, nabo bonke bemisene ngapha, ukweseka okukhulu ekukholweni.

200 Ngiwujabulele ngempela lomhlangano, kakhulukazi. Ngiwuthatha njengomunye wemihlangano yelambu elibomvu engake ngaba nawo eUnited States. Ngike ngaba nayo omkhulu ngokuthe xaxa.

201 UNkulunkulu akubusise, dade. [UDadewethu Upshaw uthi, "Bengifuna nje ukuxhawulana nawe. O, haleluya!" USigele William D. Upshaw waphiliswa khona lapho ngesikhathi senkonzo yokubona okufihlakele kaMfowethu Branham eLos Angeles ngoFebruwari 8, ngo 1951, emva kokuba ngokhubazekileyo iminyaka engamashumi ayisithupha-nesithupha—Umhl.]

202 UNkulunkulu akubusise, Dadewethu Upshaw. Akukho viki eledlulayo engingacabangi ngawe no—noMfowethu Bill. Ngiyobonana nawe kulologu Lapho, dade, lapho zonke izinto ezindala sezedlule. Siyoba Lapho ngalolosuku. Amen.

203 Manje asikhothamise amakhanda ethu sisacela umelusi lapha, oyedwa ukuba eze futhi asikhiphe ngomkhuleko, ngokusemthethweni. Asikhothamise amakhanda ethu. Mfowethu, iNkosi ikubusise.

